

Iqoqo Lezindaba

ISIZULU

ULIMI LWASEKHAYA

ITHEMU 1 & 2

IBANGA

3





Iqoqo Lezindaba

IBANGA 3 | ITHEMU 1 & 2

ISIZULU

**Copyright © 2026 National Educational
Collaboration Trust (NECT)**

This work is licensed under a **Creative Commons
Attribution–NonCommercial–NoDerivatives 4.0
International License (CC BY-NC-ND 4.0)**.

Additional permissions beyond the scope of this license
may be available. For further information, please
contact the publisher at **materials@nect.org.za**.


First edition, 2026




ITHEMU 1



IBALAZWE LASE-AFRIKA





iSierra-
Leone

i-Ivory
Coast

iGhana

iTogo

i-Equatorial Guinea

iGabon

iCongo

iCentral African
Republic

iNingizimu
yaseSudani

iKenya

iSomalia



Impilo
engenamkhawulo



iRuwanda

iBurundi

iRiphabulikhi
yeNtandoyabantu
yaseKongo



i-Angola



iZambia



Uhambo olukhulu
lukaShamiso

iZimbabwe

iBotswana



Umelusi
owahlaba
umkhosi
wathi
'ibhubesi'



Isongo eliluhlaza
okwesibhakabhaka

iNingizimu
Afrika



iLesotho

Ikilasi
elonakalisiwe

iMozambique



IBALAZWE LOMHLABA



iNyakatho
yaseMelika

UMari Copeny:
iqhawe lamanzi

Ulwandle lwe
Atlantic

Ulwandle
lwePacific

iNingizimu
yaseMelika



Uhambo
lukaMashudu



i-Asia



Ukulwela imfundo
kukaMalala



Ulwandle
IwePacific

iYurophu



i-Afrika



Ulwandle
IwaseNdiya



i-Australia




i-Antarctica

ITHEMU I IZINDABA



1. Uhambo olukhulu lukaShamiso

1



2. Uhambo lukaMashudu

15



3. Ikilasi elonakalisiwe

29



4. UMari Copeny: iqhawe lamanzi

43



5. Isongo eliluhlaza okwesibhakabhaka

57



6. Umelusi owahlaba umkhosi wathi 'ibhubesi'

71



7. Impilo engenamkhawulo

85



8. Ukulwela imfundo kukaMalala

99

INDABA 1

UHAMBO OLUKHULU LUKASHAMISO

Indikimba: Sithatha uhambo



Imininingwane yangaphambilini

- Lo mbhalo uyindaba esaqiniso.
- Yenzeka eZimbabwe.
- Yenzeka esikhathini samanje. Umlingisi oqavile ubuye ufunde futhi acabange ngokwenzeka kudala kuyo yonke indaba.
- Le ndaba izosiza abafundi bakho ukuba bafunde kabanzi ngendawo ebizwa ngokuthi yiGreat Zimbabwe ebalazweni laseZimbabwe. Lena yindawo yangempela!



Amanye amaphuzu okwabelana nabafundi bakho

- Kule ndaba, uShamiso uvakashela amanxiwa endawo yangempela ebizwa ngokuthi yiGreat Zimbabwe
- Amanxiwa izindawo ezazisetshenziswa ngabantu kudala.
- Amanxiwa ayizindawo zekhethelo ongazivakashela ngoba anjengephazili yomlando: asiza ukuthi sifunde ukuthi abantu babephila kanjani, babakha ini, kanti yini okwakubalulekile kubo.



Isu lokuqondisisa: Yenza iziphetho

- Kuyini: Ukuqagela izinto umbhali angazichazanga ngokuqondile, usebenzisa izinkomba endabeni.
- Kungani sikusebenzisa: Ukuqonda izincazelo ezijulile nemiyalezo efihlekile.
- Kusiza kanjani: Kukusiza ukuthi wenze iziphetho ngenkathi ufunda, futhi uqonde kangcono indaba nabalingiswa bayo.




Ukuze usebenzise leli su:

Ikhasi nesigaba	Funda	Ithi
3, 1	Endleleni, bama endaweni eyayibizwa ngokuthi yiGreat Zimbabwe. UShamiso wabheka 'iGreat Zimbabwe' ku-intanethi. Wafunda ukuthi kwakuyidolobha elikhulu kanye nesigodlo sobukhosi sakudala.	Ngicabanga ukuthi uShamiso akakaze aye eGreat Zimbabwe, ngoba uyibheke ku-intanethi ukuthola ukuthi iyini.
7, 1	Umholi wezivakashi waqale wabayisa kusigcinamagugu esincane. "Konke okulapha kulesi sigcinamagugu kwavunjululwa emanxiweni," kusho umholi wezivakashi.	Izigcinamagugu yizindawo lapho izinto ezithakazelisayo neziyigugu zigcinwa khona. Ngicabanga ukuthi iGreat Zimbabwe yayiyindawo ebalulekile ngoba izinto ezazisenxiweni zigcinwe kusigcinamagugu.

UShamiso nomndeni wakubo babelindele amaholidi okuvalwa kwesikole izinyanga eziningi. Babezovakashela umndeni wakubo eZimbabwe. Endleleni, bama endaweni eyayibizwa ngokuthi yiGreat Zimbabwe. UShamiso wabheka 'iGreat Zimbabwe' ku-intanethi. Wafunda ukuthi kwakuyidolobha elikhulu kanye nesigodlo sobukhosi sakudala.

“Awu! Kwaze kwakuhle!” ecabanga. Wayesemagange ukubona indawo yokhokho bakhe.





“IGreat Zimbabwe yakhiwa okhokho bethu abangamaShona!” kusho uyise. “Ngesikhathi ngiseyingane, iZimbabwe yayibizwa ngokuthi iRhodesia kanti yayibuswa yiNgilandi. Uhulumeni wawungafuni ukuthi abantu bazi ukuthi ngabantu base-Afrika abenza le ndawo emangalisayo kangaka!” kuqhuba uyise.



Ekugcineni, ngesikhathi umndeni ufika eGreat Zimbabwe, uyise kaShamiso wamisa imoto waya lapho kudayiswa khona amathikithi. Wabuya ephethe amathikithi kanye nomholi wezivakashi.

“Namukelekile eGreat Zimbabwe,” kusho umholi. “Le ndawo yakhiwa eminyakeni engamakhulu amaningi eyadlula – ekuqaleni konyaka wamakhulu ayishumi nanye!”



Umholi wezivakashi waqale wabayisa kusigcinamagugu esincane. “Konke okulapha kulesi sigcinamagugu kwavunjululwa emanxiweni,” kusho umholi wezivakashi.

Okokuqala, umholi wabakhombisa izinyoni eziyisishiyagalombili ezazibaziwe. “Lezi zinyoni zaziwuphawu lwamakhosi ethu asendulo,” kusho yena.


“Bhekani – le nyoni evela efulegini lethu laseZimbabwe!” esho ekhomba eyodwa yalezi zinyoni ezibaziwe.



Njengoba babehamba emakesini, uShamiso wabona ubuhlalu obusagolide kanye ncingo lwethusi. “Abantu ababehlala lapha babecebe ngegolide,” kuchaza umholi wezivakashi.

“Kanti lobu buhlalu babuvela kude le kwelaseChina!” kwengeza umholi, ekhomba ubuhlalu bengilazi phakathi ekesini. “Lokhu kusitshela ukuthi abantu ababephila lapha babehweba emazweni angaphesheya kwezilwandle!”

“Ewu! Kwakuhle!” kucabanga uShamiso, ebuka ubucwebe bokhokho bakhe.




Ngemuva kwalokho, baya odongeni lwamatshe amakhulu, olwaluyindilinga. “Lokhu kubizwa ngokuthi yiGreat Enclosure kanti kwakuyikhaya lezindlovukazi!” kuchaza umqaphi wabo. Waqhubeka, “IZimbabwe yethiwa ngalesi sakhiwo esikhulu. Igama elithi Zimbabwe lisho ukuthi indlu enkulu yamatshe – enjengalena!”



Uyise kaShamiso wagoba wamhlebele endlebeni, “Lesi isakhiwo samatshe esikhulu kunazo zonke e-Afrika – ngaphandle kwemibhoshongo yaseGibhithe.”

“Hawu! Ngempela? Kwakuhle!” kucabanga uShamiso, ecabanga ngokhokho bakhe bakha izindonga zamatshe ezinkulu.



Okulandelayo, umholi wabo wabayisa esigodini esincane. “Lesi sigodi sakhiwe kabusha, ukuze nikwazi ukubona ukuthi izindlu zazibukeka kanjani ngesikhathi abantu babehlala okwangempela lapha eGreat Zimbabwe!” echaza. Baphinde babona iqembu labadansi.


“Umsebenzi walaba badansi wukugcina umdanso wasendulo ngokuwuqhubekisa!” kusho umholi.

“Hawu! Kwaze kwakuhle!” kusho uShamiso ngenhliziyo, ecabanga ngomculo nangomdanso omuhle wokhokho bakhe.




Ekugcineni, umholi wabo wabahambisa endleleni enyukelayo eya egqumeni elikhulu. “Lena kwakuyindawo yenkolo, lapho imicimbi ekhethekile yayenziwa khona,” echaza. “Kulapha-ke lapho izinyoni ezibazwe ngokhuni ezisesigcinamagugwini zatholwa khona!” esho ekhomba amatshe amakhulu aphezu kwegquma. “La matshe nawo afana nezinyoni!”

“Hhayi bo! Kwakuhle!” kusho uShamiso ngenhliziyo, ecabanga ngokhokho bakhe bethandaza ndawonye.



UShamiso noyise bama onqenqemeni lwegquma, babuka ubuhle bamagquma aluhlaza kanye nedamu elibuqamama. Babekwazi ukubona amanxiwa amatshe ahlobise indawo. “Ewu! Kwakuhle bo!” kusho yena eqhuba ethi, “ngiyaziqhenya ngawo wonke umsebenzi owenziwe ngokhokho bethu!”

“Nami futhi!” kwasho uyise, emoyizela.





Ukufunda 1

Baya kuphi oShamiso kanye nomndeni wakubo?

Baya eGreat Zimbabwe.

Wabonani uShamiso eGreat Zimbabwe?

- Wabona izinyoni ezibaziwe.
- Wabona ubuhlalu kanye ncingo lwethusi.
- Wabona indawo ebizwa ngesigcinamagugu.
- Wabona iGreat Enclosure.
- Wabona udonga olukhulu olwakhiwe ngetshe.
- Njll.

Ucabanga ukuthi uShamiso wayezizwa kanjani ngohambo lwakhe lwase-Great Zimbabwe?

- Ngicabanga ukuthi walujabulela uhambo lwakhe ngoba ucabanga ukuthi 'Hawu! Kwaze kwakuhle!'
- Ngicabanga ukuthi wazizwa ekhuthazekile ngomsebenzi wokhokho bakhe, ngoba wayelokhu ebacanga ngabo.
- Ngicabanga wazizwa ejabulile ngoba wabona indawo enhle okhokho bakhe abadabuka kuyo.
- Ngicabanga ukuthi uShamiso wayeyeziqhayisa ngokuhlobana nabantu bakudala abakha iGreat Zimbabwe.
- Uthakasile ngoba uShamiso uzama ukucabanga ukuthi yayinjani impilo yokhokho bakhe abakha iGreat Zimbabwe.



Ukufunda 2

Baphatheka kanjani oShamiso noyise ekugcineni kwendaba?

Babezizwa beziqhenya ngokhokho babo.

Yisiphi isakhiwo samatshe esisodwa e-Afrika esikhulu kuneGreat Zimbabwe?

Imibhoshongo yaseGibhithe.

Bona ngeso lengqondo umndeni wakho eGreat Zimbabwe. Yini ozizwa ukuthi ungakujabulela ukuyibona?

Ngingakujabulela ukubona...

Kungani uShamiso noyise babeziqhenya ngokhokho babo?

- Ngoba okhokho babo benza izinto eziningi ezimangalisayo.
- Ngoba okhokho babo kwakungabakhi abakha kahle.
- Ngoba okhokho babo babengabahwebi.
- Ngoba okhokho babo babekwazi ukwenza ubucwebe obuhle.
- Ngoba okhokho babo kwakungabakhi abasebenzisa amatshe abanekhono.

INDABA 2

UHAMBO

LUKAMASHUDU

Indikimba: Sithatha uhambo



Imininingwane yangaphambilini

- Lo mbhalo uyindaba esaqiniso.
- Yenzeka eNingizimu Afrika.
- Yenzeka esikhathini samanje.
- Le ndaba izosiza abafundi bakho bafunde kabanzi ngezindawo ezahlukeni emhlabeni jikelele.



Amanye amaphuzu okwabelana nabafundi bakho

- Kule ndaba, uMashudu ufunda nge 'New Seven Wonders of the World'. Lezi yizindawo eziyisikhombisa emhlabeni wonke abantu abaningi abavotele ukuthi ziyamangalisa futhi zikhethekile kakhulu.
- Lolu hlu lusiza abantu bafunde futhi bagubhe lezi zindawo ezikhethekile.
- UMashudu akahambi empeleni kulezi zindawo. Ufunda ngazo encwadini – njengalokhu esizokwenza nathi njengoba sifunda le ndaba.



Isu lokuqondisisa: Thola futhi ukhumbule imininingwane

- Kuyini: Ukufuna nokukhumbula imininingwane ebalulekile efana nabalingiswa, indawo yesigameko, nezehlakalo.
- Kungani sikusebenzisa: Ukuqonda kangcono ukuthi kwenzekeni endabeni nokugcina ulwazi olufundwayo.
- Kusiza kanjani: Kukusiza ukuthi ukwazi ukuxoxa ngendaba futhi uqonde ukulandelana kwezehlakalo ngendlela..



Ukuze usebenzise leli su:

Ikhasi nesigaba	Funda	Ithi
19, 1	Isihloko esisekhasini lokuqala sasithi, 'The Great Wall of China.' Uyise kaMashudu wafunda incazelo: "IGreat Wall of China yakhiwa eminyakeni eyizi-2 000 ezedlule ngenhloso yokuvikela abantu baseShayina ezitheni zabo. IGreat Wall yisakhiwo eside kunazo zonke esake sakhiwa ngabantu." UMashudu wabheka isithombe salolu donga oluhle.	Yisiphi isimanga sokuqala sasemhlabeni? O! Ngifunde lapha ukuthi yiGreat Wall of China.
20, 1	Uyise kaMashudu wafunda isihloko esisekhasini lesibili, "Christ the Redeemer Statue, Brazil." Ngemuva kwalokho, wafunda umbhalo ongaphansi kwesithombe esikhulu kakhulu: Isithombe sikaKhrestu Umhlengi, sihlezi phezu kweNtaba iCorcovado eseRio de Janeiro, eBrazil. Singumbhoshongo omkhulu obonakala edolobheni. Singamamitha angama-30 ubude.	Sikuphi isimanga sesibili sasemhlabeni? Yebo! Ngifunde ukuthi siseBrazil.

Uyise kaMashudu wafika ekhaya nencwadi avela nayo kumtapo wolwazi esihloko esithi, 'The New Seven Wonders of the World.'

“Asinayo imali yokuthenga amathikithi endiza, kodwa izincwadi zingakwazi ukukuthatha zikuhambise noma yikuphi!” uyise wayethanda ukusho kanjalo.




Emuva kwesidlo sakusihlwa uMashudu kanye noyise bahlala phansi kusofa. “Ake sibone ukuthi kunani lapha!” kusho uyise kaMashudu, ngenkathi evula incwadi.

“Masithathe isinqumo sokuthi yisiphi isimanga esingathanda ukusivakashela kulezi eziyisikhombisa!” kusho uMashudu ejabule kakhulu.




Isihloko esisekhasini lokuqala sasithi, 'The Great Wall of China.' Uyise kaMashudu wafunda incazelo: "IGreat Wall of China yakhiwa eminyakeni eyizi-2 000 ezedlule ngenhloso yokuvikela abantu baseShayina ezitheni zabo. IGreat Wall yisakhiwo eside kunazo zonke esake sakhiwa ngabantu."

UMashudu wabheka isithombe salolu donga oluhle. "Wu! Ngicabanga ukuthi isimanga engingathanda kakhulu ukusivakashela lesi!" kusho uMashudu.



Uyise kaMashudu wafunda isihloko esisekhasini lesibili, “Christ the Redeemer Statue, Brazil.” Ngemuva kwalokho, wafunda umbhalo ongaphansi kwesithombe esikhulu kakhulu: Isithombe sikaKhrestu Umhlengi, sihlezi phezu kweNtaba iCorcovado eseRio de Janeiro, eBrazil. Singumbhoshongo omkhulu obonakala edolobheni. Singamamitha angama-30 ubude.

“Hha! Ngicabanga ukuthi isimanga engingathanda kakhulu ukusivakashela leso!” kusho uMashudu.



Uyise kaMashudu wavula ikhasi elaveza isimanga sesithathu sasemhlabeni.

“Yho-yho-yho!” kubabaza uMashudu, “Ngicabanga ukuthi isimanga engingathanda kakhulu ukusivakashela lesa!”

“Lena iMachu Picchu,” kusho uyise, “ikwelasePeru!” Uyise wayesefunda incazelo: IMachu Picchu idolobha elikhulu lasendulo eliphezu kwezintaba zama-Andes kwelasePeru, eNingizimu Melika. Idolobha elikhulu lakhiwa eminyakeni engama-600 edlule, ngabantu bama-Inca.





UMashudu wafunda isihloko sesine sesimanga,
“Chichen Itza, Mexico.”

“Ingabe naso esasendulo?” kubuza uMashudu.

“Kungani ungafundi ukuze uthole?” kubuza uyise.

UMashudu wafunda: IChichen Itza kwakuyidolobha
elikhulu lakudala lamaMaya. Esinye sezakhiwo
ezidume kakhulu edolobheni elikhulu umbhoshongo
obizwa ngokuthi yi-El Caracol. Ezikhathini zasendulo,
wawusetshenziselwa ukubheka isibhakabhaka
ebusuku.

“Wu nkosi yami! Mhlawumbe lesi isimanga
engingathanda kakhulu ukusivakashela!” kusho
uMashudu.


“Bheka, lena iColosseum eseRoma, eTaliyana!”
kusho uyise kaMashudu. “Yakhiwa eminyakeni
engaphezu kweyizi-2 000 ezedlule. Ingahlalisa
abantu abangaphezu kwezi-50 000 uma kunemicimbi
yomphakathi.”

“Lapha kuthiwa iziqhwaga zazivame ukulwela khona!”
kubabaza uMashudu. “Mhlawumbe lesi isimanga
engingathanda kakhulu ukusivakashela!”




“Ngiyayazi leyo!” kusho uMashudu ngenkathi uyise ephenya ikhasi. “Leyo iTaj Mahal yaseNdiya.” UMashudu wakhumbula ukuthi wake wafunda ngayo encwadini eyayikhuluma ngezwe laseNdiya. “Ngikhumbula ukuthi umbusi wayakha njengetshe lesikhumbuzo sikankosikazi wakhe,” kusho yena.

“Bengihlala njalo ngifuna ukuya eTaj Mahal! Lesi isimanga engingathanda kakhulu ukusivakashela!” kusho uMashudu.



Ekugcineni, babuka isimanga sesikhombisa. Uyise kaMashudu wafunda isihloko esithi, “Petra, Jordan,” kanye nencazelo ethi: “IPetra kwakuyidolobha elikhulu elihle ngokumangalisayo elaliqoshwe ngetshe elibomvu yisizwe sama-Arabhu asendulo. Idolobha elikhulu elakhiwe ogwadule. Nokho, linohlelo oluyinkimbinkimbi lokuqoqa amanzi emvula nawezikhukhula ukuze abantu ababehlala lapho bahlale benamanzi.”




“Yo! Mhlawumbe lesi isimanga engingathanda kakhulu ukusivakashela!” kusho uMashudu.

Uyise kaMashudu wavala incwadi wayesemnikeza iphepha elincane lokubhalela kanye nepensela.

“Bhala phansi isimanga ongathanda ukusivakashela,” kusho yena. Bobabili bathatha isikhashana ukuthi babhale. Okulandelayo, bawagoqa amaphepha bashintshisana ngawo.

“Usulungile? 1-2-3... vula!”





Ukufunda 1

Sasithini isihloko sencwadi uyise kaMashudu afika nayo ekhaya?

Isihloko sencwadi sasithi, 'The New Seven Wonders of the World.'

Yisiphi isimanga uMashudu ake wasibona ngaphambilini?

Wake wabona iTaj Mahal encwadini eyayimayelana nezwe laseNdiya.

Yisiphi isimanga ongasibhala ephepheni lakho elincane lokubhalela?

Ngingabhala nge... ngoba...



Ukufunda 2

Yakhiwelani iGreat Wall of China?

Yakhelwa ukuvikela abantu baseShayina ezitheni zabo.

Yakhiwelani iTaj Mahal?

Yakhiwa njengetshe lesikhumbuzo sikankosikazi yombusi.

Kungani uyise kaMashudu afika ekhaya nencwadi ethi, 'The New Seven Wonders of the World'?

- Ukuze bezofunda ngezindawo ezintsha.
- Ukuze bezofunda kabanzi ngezindawo ezimangalisayo zasemhlabeni wonke.
- Ukuze bezofunda ngezindawo ezikude, noma bengenayo imali yokuzivakashela.
- Ukuze bezovakashela izindawo ezintsha ngezithombe.



INDABA 3

IKILASI

ELONAKALISIWE

Indikimba: Silungisa izinto



Imininingwane yangaphambilini

- Lo mbhalo uyindaba yokuziqambela.
- Yenzeka eNingizimu Afrika.
- Yenzeka esikhathini samanje.
- Le ndaba izosiza abafundi bakho ukuba babone ukuthi bangasiza ukulungisa izinto ngokwabo - akufanele balinde umuntu omdala njalo nje.



Amanyane amaphuzu okwabelana nabafundi bakho

- Kubalulekile ukuxolisa uma ulimaze omunye noma wenze iphutha. U-Anti Zodwa uyaxolisa ekilasini likaZweli ngoba ikwaya lakhe lishiye kumapeketwane futhi lonakalisa umsebenzi wezingane.
- Yize izingane kungezona ezibange umonakalo, ziyasiza ukulungisa ikilasi libuyele libe lihle futhi.
- Okukathisha: Cabanga indlela uZweli aziqhenya ngayo ukubona umsebenzi wakhe uphanyekwe obondeni. Unayo yini indawana ekilasini lakho lapho ungaphanyeka khona umsebenzi wezingane zakho?



Isu lokuqondisisa: Yenza iziphetho

- Kuyini: Ukuqagela izinto umbhali angazichazanga ngokuqondile, usebenzisa izinkomba endabeni.
- Kungani sikusebenzisa: Ukuqonda izincazelo ezijulile nemiyalezo efihlekile.
- Kusiza kanjani: Kukusiza ukuthi wenze iziphetho ngenkathi ufunda, futhi uqonde kangcono indaba nabalingiswa bayo.



Ukuze usebenzise leli su:

Ikhasi nesigaba	Funda	Ithi
32, 2 (nesithombe)	“Kulungile!” kusho uZweli ngokwenama. UMnu. Mabuya waphanyeka umsebenzi kaZweli maphakathi nobonda, lapho uzobonwa khona yiwo wonke umfundi ngoMsombuluko ekuseni. (Khomba esithombeni sikaZweli, emamatheka.)	Buka uZweli. Ubuka umbhalo wakhe ulenga obondeni. Ngiphetha ngokuthi uyaziqhenya njengoba uMnu. Mabuya efuna ukuwuphanyeka phezulu ubonwe yibo bonke.
39, 3	“Ngixolisa kakhulu ngokwenzeke ekilasini lenu,” kusho u-Anti Zodwa kubafundi. “Ngiyazi ukuthi eminye imisebenzi yenu yonakalisiwe. Ngokulandelayo uma sizosebenzisa ikilasi lenu, sizozaphela kakhulu!” kusho yena.	Ngiphetha ngokuthi u-Anti Zodwa uzwa ubuhlungu ngalokho okwenzeke ekilasini likaZweli. Uhambe indlela ende eze esikoleni ukuzoxolisa ekilasini.

NgoLwesihlanu kwakuyithuba likaZweli lokukhombisa abanye abafundi indaba yakhe.

“Yimina lona, ngisiza umama engadini,” kusho uZweli ekhomba umdwebo wakhe. Wayesefunda umusho wakhe.

“Usebenze kahle!” kwasho uMnu. Mabuya.



Kwakhala insimbi. UMnu. Mabuya wabuza,
“Ngingakwazi yini ukuphanyeka umsebenzi wakho obondeni?”

“Kulungile!” kusho uZweli ngokwenama. UMnu.
Mabuya waphanyeka umsebenzi kaZweli maphakathi nobonda, lapho uzobonwa khona yiwo wonke umfundi ngoMsombuluko ekuseni.



Kusihlwa ngalobo busuku, uZweli wahlala nonina kanye nodadewabo omncane.

“Bekunjani esikoleni namuhla?” kubuza unina.

“Bekumnandi!” kwasho uZweli. “Ngifundele ikilasi indaba yami, uMnu. Mabuya wayeseyiphanyeka obondeni!”



UZweli wayecabanga ngendaba yakhe esobondeni
impelasonto yonke. Wayefisa sengathi ngabe
uMsombuluko usufikile, lapho bonke abafundi
bezobona indaba yakhe.



Nokho, ngenkathi abafundi beya ekilasini labo ngoMsombuluko ekuseni, lalingabukeki, lingcolile!

UZweli wabheka indaba yakhe obondeni, kodwa yayingasekho.

UMnu. Mabuya wama phambi kwekilasi. Wayebukeka engeneme neze.

“Bafundi,” kusho uMnu. Mabuya, “ngoMgqibelo, ikwaya belisebenzisa ikilasi lethu. Kubonakala sengathi kukhona osuse umsebenzi wenu obondeni futhi wawonakalisa. Ngidumele ngalokhu, futhi ngiqinisekile ukuthi nani nidumele. Ngiyaxolisa kakhulu.”



Kusihlwa ngalobo busuku, uZweli wahlala nonina kanye nodadewabo omncane.

“Bekunjani esikoleni?” kubuza unina.

“Bekungemnandi!” kuphendula uZweli. “Indaba yami ayisekho obondeni. UMnu. Mabuya uthi bekukhona ikwaya ekilasini lethu ngoMgqibelo. Kukhona othathe wonke umsebenzi wethu omuhle obondeni wawonakalisa.”

“U-Anti Zodwa ungumphathi wekwaya,” kusho umama. “Ngizomshayela ucingo ngemuva kwesidlo sakusihlwa.”



Ngemuva kwesidlo sakusihlwa, unina kaZweli washayela u-Anti Zodwa ucingo.

“Ikwaya belisekilasini likaZweli ngoMgqibelo, kwaba khona osusa konke obekusobondeni,” uZweli wezwa unina esho. “UZweli uphatheke kabi kakhulu. Ubebhale indaba eyonakalisiwe!”


Umama walalela u-Anti Zodwa imizuzwana embalwa. Wayesethi, “Ngiyabonga, Anti,” wayesevala ucingo.



Ngakusasa ekuseni, uZweli wabona u-Anti Zodwa.
Wamphakamisela isandla.

“Kungani u-Anti Zodwa esesikoleni?” uZweli wazibuza
ngenhlinziyo.

Insimbi yakhala, noZweli wangena ekilasini lakhe.



UMnu. Mabuya wama ngaphambi kwekilasi no-Anti Zodwa.

“Lona uMaDlamini wasekwayeni,” kusho uMnu. Mabuya. “Ufuna ukukhuluma nani nonke.”

“Ngixolisa kakhulu ngokwenzeke ekilasini lenu,” kusho u-Anti Zodwa kubafundi. “Ngiyazi ukuthi eminye imisebenzi yenu yonakalisiwe. Ngokulandelayo uma sizosebenzisa ikilasi lenu, sizoqaphela kakhulu!” kusho yena.



Emuva kokuthi u-Anti Zodwa esehambile, uMnu. Mabuya wanikeza umfundi ngamunye ipheshana.

“Ngoba manje sesiyazi ukuthi umsebenzi wethu ngeke wonakaliswe, masiqoqe ekilasini kube kuhle futhi!” kusho uMnu. Mabuya.





Ukufunda 1

UZweli walifundela ngaluphi usuku ikilasi lakhe indaba yakhe?

NgoLwesihlanu.

Ikwaya lalisekilasini ngaluphi usuku?

NgoMgqibelo.

UZweli wabona ngaluphi usuku ukuthi indaba yakhe yayingasekho?

NgoMsombuluko.

Kungani uZweli aba nosuku olubi esikoleni ngoMsombuluko?

- Ngoba wayecabanga ukuthi indaba yakhe izoba sobondeni kodwa yayonakalisiwe.
- Ngoba wayejabule impelasonto yonke ngokuthi zonke izingane zizobona indaba yakhe obondeni, kodwa indaba yakhe yayonakalisiwe akwangaba khona noyedwa oyibonayo.
- Ngoba wayedumele ngokuthi indaba yakhe yayonakalisiwe obondeni.
- Ngoba weyezwe ubuhlungu ngokuthi uMnu. Mabuya wayedumele kakhulu.



Ukufunda 2

Kungani uZweli wayejabulele ukuya esikoleni ngoMsombuluko?

Ngoba wayejabulele ukuthi ezinye izingane zizobona indaba yakhe obondeni.

Ngubani owashayelwa ngunina kaZweli ucingo?

Ngu-Anti Zodwa amshayela ucingo.

Kungani unina kaZweli ashayela u-Anti Zodwa ucingo?

- Ingoba u-anti Zodwa uphethe ikwaya, ngalokho kungumsebenzi wakhe ukubheka ukuthi ikilasi likaZweli balinakekela kanjani.
- Ingoba uphatheke kabi ukuthi ikilasi likaZweli lonakaliswa.
- Ingoba ufuna ukuqinisekisa ukuthi u-Anti Zodwa nekwaya balinakekela kahle ikilasi uma belisebenzisa ngokuzayo.

Kungani u-Anti Zodwa eza esikoleni?

- Weza ukuzoxolisa kubafundi ngezindaba zabo ezonakaliswa.
- Weza ngoba unina kaZweli wamshayela ucingo wamtshela ngokwenzeka ekilasini likaZweli.
- Weza ngoba nguyena umphathi wekwaya, kanti ikwaya yilona elalisebenzisa ikilasi labo.
- Wayezotshela uMnu. Mabuya kanye nekilasi lakhe ukuthi ngeke liphinde lonakaliswe.



INDABA 4

UMARI COPENY: IQHAWWE LAMANZI

Indikimba: Silungisa izinto



Imininingwane yangaphambilini

- Lo mbhalo uyindaba esaqiniso.
- Yenzeka eFlint, eMichigan, e-USA.
- Yenzeka esikhathini esisanda kwedlula – ngesikhathi uBarack Obama enguMongameli wase-United States (kusukela ngo-2008 kuya ku-2016).
- Le ndaba izosiza abafundi bakho bafunde kabanzi ngentombazane encane egama layo linguMari Copeny, eyasebenza ukulungisa inkinga emphakathini wayo.



Amanye amaphuzu okwabelana nabafundi bakho

- Edolobheni laseFlint, kwangena ikhemikhali enobuthi ebizwa ngokuthi umthofi emanzini ompompi. Abantu abaningi baseFlint bagula kakhulu ngenxa yalawo manzi.
- UMari Copeny wayeyintombazane enesibindi yaseFlint. Wabhala izincwadi ezibhekiswe kubaholi ecela usizo, watshela nabezindaba ngale nkinga.
- Ngenxa yokuthi uMari wakhuluma, abantu abaningi bafunda ngamanzi futhi idolobha lathola usizo oluningi.



Isu lokuqondisisa: Buza imibuzo / Zibuze

- Kuyini: Ukucabanga nokubuza imibuzo mayelana nendaba ngenkathi ufunda.
- Kungani sikusebenzisa: Ukuhlala unentshisekelo nokuthola kabanzi njengoba ufunda.
- Kusiza kanjani: Kukugcina ubambe iqhaza futhi kukusiza ukuthi uqonde kangcono indaba. Kukusiza ukuthi wenze izibikezelo ngalokho okungenzeka endabeni.



Ukuze usebenzise leli su:

Ikhasi nesigaba	Funda	Ithi
46,1	Ngenkathi uMari eneminyaka eyisishiyagalombili ubudala, indaba yenkinga yamanzi yaqala emphakathini wangakubo. Ikhemikhali ebizwa ngomthofi yayingcolisa amanzi. Izingane eziningi eFlint zazigula ngoba zaziphuza kakhulu le khemikhali eyingozi.	Lokhu kwakubonakala njengenkinga enkulu. Ngiyazibuza ukuthi ingabe kukhona yini uMari angakwenza!
48, 1	UMari wanquma ukubhalela uMongameli uBarack Obama incwadi mayelana namanzi anobuthi aseFlint. Encwadini yakhe, wamema uMongameli ukuthi eze emphakathini wangakubo ukuze ezothola ulwazi olungcono ngesimo samanzi esibucayi.	Ngiyazibuza ukuthi incwadi uMari ayibhalela uMongameli izosiza yini ekuxazululeni inkinga esemphakathini wangakubo.

UMari Copeny yisishosho esisesincane esilwela amanzi ahlanzekile edolobheni lakubo laseFlint, eMichigan.



Ngenkathi uMari eneminyaka eyisishiyagalombili ubudala, indaba yenkinga yamanzi yaqala emphakathini wangakubo. Ikhemikhali ebizwa ngomthofi yayingcolisa amanzi. Izingane eziningi eFlint zazigula ngoba zaziphuza kakhulu le khemikhali eyingozi. Abantu basemphakathini kaMari babethukuthele kakhulu ngenxa yokuthi babengenwa ushevu emizimbeni yabo ngenxa yamanzi.



UMari nezingane zakubo babelokhu bephuza amanzi aphuma empompini bengakhathazekile. Nokho, kungekudala nje sekufanele bayeke ukuphuza amanzi asepompini. Esikhundleni salokho, into eyodwa ababengayenza wukuphuza amanzi asemabhodleleni epulasitiki. UMari wayejabulile ngoba kwakungekho nelilodwa ilungu lomndeni wakhe elaligula, kodwa wayecasukele abantu bomphakathi wangakubo ababegula.



UMari wanquma ukubhalela uMongameli uBarack Obama incwadi mayelana namanzi anobuthi aseFlint. Encwadini yakhe, wamema uMongameli ukuthi eze emphakathini wangakubo ukuze ezothola ulwazi olungcono ngesimo samanzi esibucayi. Wacela unina ukuthi athumele incwadi.

“Uyazi yini ukuthi uMongameli uthola izinkulungwane zezincwadi nsuku zonke? Kungenzeka angayiboni eyakho,” kuxwayisa unina kaMari. Nokho uMari wamcela ukuthi ayithumele incwadi noma kunjalo.

“Kufanele azi ngendlela engalungile esiphathwa ngayo. Sifakelwa ushevu kanti akekho ofuna ukukulungisa lokhu – ngoba nje singewona umphakathi ocebile!” kuchaza yena.



Emuva kwenyanga, kwangena ucingo kunina kaMari. Ucingo lwaluvela enombolweni engaziwa. Ngenkathi unina kaMari ephendula, kwakungomunye wabasebenzi baseWhite House.

“UMongameli u-Obama uyifundile incwadi kaMari. Uyasamukela isimemo sokufika eFlint,” kusho ilungu lasephalamende ocingweni.



Ngenkathi uMari efika ekhaya ebuya esikoleni, unina wamoyizela wamtshela ukuthi ahlale phansi.

“Ngikuphathele izindaba ezimnandi!” kusho unina.
“UMongameli u-Obama uyifundile incwadi yakho... futhi uzoza lapha eFlint azoxoxa nawe.”

UMari wayechichima injabulo. “UMongameli usezobona-ke manje ukuthi akulungile kangakanani ukuthi abantu basemphakathini wakithi baphuze amanzi anoshevu!” kusho uMari.



Ngenkathi uMongameli u-Obama evakashele eFlint, wahlala phansi noMari. “Izincwadi ezibhalwa yizingane ezifana nawe, yizona ezingenza ngibe nethemba ngekusasa,” kusho uMongameli.



Ukuvakasha kukaMongameli u-Obama kwamenza wabona ukuthi amanzi anoshevu abalimaza kangakanani abantu bomphakathi waseFlint. Emuva kwalokho, uMongameli wanquma ukuthi ithathelwe phezulu le ndaba. Wavuma ukuthi kukhishwe imali edingekayo ukuze kulungiswe uhlelo lwamanzi. Ngeshwa kwakungelula ukuxazulula le nkinga yamanzi.




Ngenkathi abantu baseFlint besalinde ukuthi kulungiswe uhlelo lwamanzi, uMari wasiza ngokwenza isiqiniseko sokuthi bathola amanzi okuphuza aphephile. Waqala ngokuqokelela imali yokuthengela abantu abantulayo emphakathini wangakubo amanzi asemabhodloleni.

Nokho ngolunye usuku uMari wabuka emgqonyeni wezibi wayesebona ukuthi wawugcwele amabhodlela epulasitiki. Wacabanga ngawo onke amapulasitiki ayengcolisa umhlaba. Kusakela ngalolo suku, wanquma ukuthi athole isisombululo esasizoba ngcono kwimvelo. Waqala waqokelela imali yokokucwenga amanzi.



UMari akazange ayeke ukulwa kwakhe ngemuva kokuba sekunakwe inkinga yomphakathi wangakubo. Usaqhubeka nokulwela zonke izingane zaseMelika ukuthi zithole amanzi aphephile nahlanzekile – kungakhathaleki ukuthi umphakathi wazo umpofu kangakanani.





Ukufunda 1

Yini igama lomphakathi kaMari?

Umpakathi wangakubo owaseFlint, eseMichigan kwelaseMelika.

Kwakuyini inkinga emphakathini wakubo kaMari?

Inkinga kwakungamanzi ayingozi/ ayenoshevu/ ayenamakhemikhali angalungele ukuphuzwa.

Kungani uMari abhalela uMongameli uBarack Obama incwadi?

- Ngoba wayefuna ukusiza umphakathi wangakubo.
- Ngoba kwakunenkinga enkulu yamanzi okwakufanele ixazululwe kanti wayazi ukuthi udinga usizo.
- Ngoba wayefuna uMongameli ayiqonde kabanzi inkinga yaseFlint.
- Ngoba wayazi ukuthi uMongameli unamandla okusiza ngokuxazulula le nkinga enkulu.



Ukufunda 2

Wenzani uMari ukuze asize umphakathi wangakubo?

- Wabhalela uMongameli incwadi.
- Waqokelela imali yamanzi asemabhodleleni kanye neyokokucwenga amanzi.

Ucabanga ukuthi ungenzani uma amanzi asemphakathini wangakini engaphephile ukuthi angaphuzwa?

Ngicabanga ukuthi nginga...

Ucabanga ukuthi kungani uMongameli u-Obama athi izingane ezifana noMari zimnika ithemba ngekusasa?

- Ngoba wathatha isikhathi sakhe wabhalela incwadi.
- Ngoba kwakunguyena yedwa umuntu omncane owayekhathalele ukuguqula umphakathi wonke.
- Ngoba usebenza kakhulu ukwenza izinto zibe ngcono emphakathini wangakubo.
- Ngoba noma esesemncane, useqalile ukusebenza ukuze athuthukise umphakathi wangakubo.



INDABA 5

ISONGO ELILUHLAZA OKWESIBHAKABHAKA



Indikimba: Sizama ukuba qotho



Imininingwane yangaphambilini

- Lo mbhalo uyindaba yokuziqambela.
- Yenzeka eNingizimu Afrika.
- Yenzeka esikhathini samanje.
- Le ndaba izosiza abafundi bakho bacabange ukuthi kusho ukuthini ukuba qotho.



Amanye amaphuzu okwabelana nabafundi bakho

- Le yindaba yezenhlalo nozwelo. Izindaba zenhlalo nozwelo zibhalelwa ukufundisa izingane ngemizwa, ubudlelwane kanye nokuziphatha. Lezi ndaba zigqamisa amakhono anjengozwelo, ukuzithiba, ubuqotho, ukuxazulula izinkinga nokuthi uphilisana kanjani nabanye. Umgomo ukusiza izingane ziyibone imizwa, zijwayele ukuphendula ngokufanelekile futhi zakhe amakhono enhlalo amahle.
- Kule ndaba, abafundi bangacabanga ngemiqondo enjenga lena:
 - Uzwelo: Ukuqondisisa ukuthi umngani wakho angazizwa kanjani uma elahlekelwe ngokuthile.
 - Ubulungiswa: Yikuphi okuwubulungiswa ongakwenza uma into kungeyona eyakho.
 - Imbangela nomphumela okuyisisekelo: Ukuligcina isongo kuzokwenza omunye abe lusizi.



Isu lokuqondisisa: Yenza iziphetho

- Kuyini: Ukuqagela izinto umbhali angazichazanga ngokuqondile, usebenzisa izinkomba endabeni.
- Kungani sikusebenzisa: Ukuqonda izincazelo ezijulile nemiyalezo efihlekile.
- Kusiza kanjani: Kukusiza ukuthi wenze iziphetho ngenkathi ufunda, futhi uqonde kangcono indaba nabalingiswa bayo.



Ukuze usebenzise leli su:

Ikhasi nesigaba	Funda	Ithi
66, 1	Ngenkathi uZandile efika ekhaya ebuya esikoleni, wakhapha isongo ekhabetheni walifaka esandleni. Wabuka isongo elisesihlakaleni sakhe walithanda. Wayesezibuka esibukweni. Isongo lalikhazimula kakhulu. Wayengakaze abe nento enhle kangaka. Kepha uZandile wacabanga ngobuso bukaGeeta obabudangele ngesidlo sasemini. Wakhumula isongo walifaka ephaketheni lakhe.	Ngiphetha ngokuthi uZandile ufuna ukuligcina isongo ngoba lihle kakhulu. Kodwa ngeke akujabulele ukuligqoka ngoba ucabanga ngomngane wakhe owayelusizi. Ngiphetha ngokuthi uzolibuyisela kuGeeta, njengoba elibuyisela ephaketheni lakhe.

UZandile wayegijima eya kubo evela kubo ka-Aphiwe. Wayeseduze nakubo ngenkathi ebona into ethile. Kwakuyinto eluhlaza okwesibhakabhaka necwebezelayo.

Waguqa phansi wacosha isongo eliluhlaza okwesibhakabhaka, elihle, elicwebezelayo. UZandile walicosha waqhubeka wagijima. Kwase kuhwalala, kanti wayethembise unina ukuthi uzobuya ngaphambi kokuthi kuhlwe.



Ngenkathi efika ekhaya, waphakamisela isongo phezulu.

“Bheka ukuthi ngitholeni!” esho ememeza.

Walifaka esihlakaleni sakhe elibuka ngokulithanda. Lalimlingana kahle!

“Ukuthathephi lokhu, Zandile?” kubuza unina.

“Kungenzeka ukuthi kunomuntu elimlahlekele!”

“Hhayi, ngizitholele lona endleleni, ngakho sekungelami manje!” kusho uZandile ezibuka esibukweni.



Ngakusasa ekuseni, uZandile waya ngaphandle.
Waphakamisela isandla sakhe phezulu ukuze ilanga
lizocwebezela isongo lakhe elisha neliluhlaza
okwesibhakabhaka. Walibuka licwebezela futhi
likhazimula. Wayengakaze abe nento enhle kangaka.



Kusenjalo wabona umakhelwane wakhe, uGeeta, ehamba kancane endleleni ngaphambi kwezindlu zakubo.


“Wenzani?” kubuza uZandile.

“Ngifuna isongo lami. Ngicabanga ukuthi liwile ngenkathi ngidlala izolo!” kusho uGeeta, ebukeka ephatheke kabi. “Bekuyisongo lami engilithanda kakhulu.”



“O,” kusho uZandile. UZandile uyazibuza engqondweni ukuthi ingabe yilona yini leli songo alitholile. Wadonsela phansi umkhono wejezi lakhe.

“Ngethemba ukuthi uzolithola!” kusho yena. Wayesegijima waqonda endlini yakubo.



Ngenkathi uZandile engena endlini, wabuka isongo elisesihlakaleni sakhe ngokulithanda. Wayesezibuka esibukweni. Isongo lalikhazimula futhi lilihle. Wayesemagange ukukhombisa abangane bakhe esikoleni ngakusasa. Kodwa wayesecabanga ngoGeeta.

“Yini ezokwenzeka uma uGeeta ebona isongo lami elisha, ukuthi yileli elimlahlekele?” uZandile ezibuza. Walikhipha isongo wase elibeka.



Ngakusasa ngesikhathi sekhefu esikoleni, uZandile wayehlezi noGeeta no-Aphiwe.

“Ngilahlekelwe isongo lami engilithanda kakhulu ngempelasonto. Beliluhlaza okwesibhakabhaka futhi likhazimula,” kusho uGeeta. UZandile wacabanga ngesongo elikhazimulayo, eliluhlaza okwesibhakabhaka eliphakathi ekhabetheeni lakhe. Manje useyazi ngempela ukuthi leli songo ngelikaGeeta.

“Kodwa ngizitholele. Sekungelami manje!” kucabanga uZandile. Akazange asho lutho.



Ngenkathi uZandile efika ekhaya ebuya esikoleni, wakhupha isongo ekhabetheni walifaka esandleni. Wabuka isongo elisesihlakaleni sakhe walithanda. Wayesezibuka esibukweni.

Isongo lalikhazimula kakhulu. Wayengakaze abe nento enhle kangaka. Kepha uZandile wacabanga ngobuso bukaGeeta obabudangele ngesidlo sasemini. Wakhumula isongo walifaka ephaketheni lakhe.



UZandile waya eduze kwakubo kaGeeta wafike wangqongqoza emnyango. Ngenkathi uGeeta evula, wavayizisa isongo emoyeni.

“Bheka ukuthi ngitholeni!” kusho uZandile ememeza.



Ubuso bukaGeeta bamamatheka. UZandile naye wazizwa ejabule njengoGeeta ngenkathi emsiza ukufaka isongo elikhazimulayo, eliluhlaza okwesibhakabhaka esihlakaleni sakhe.

“Ngiyabonga, Zandile,” kusho uGeeta. “Ungijabulise ngendlela engachazeki namuhla!”





Ukufunda 1

Yini eyatholwa nguZandile?

Wathola isongo elikhazimulayo elaliluhlaza okwesibhakabhaka.

Walithola kuphi isongo uZandile?

Walithola emgwaqeni /endleleni.

Kungani uGeeta wayehamba kancane endleleni ngaphambi kwezindlu zakubo?

Ngoba wayelahlekelwe yisongo lakhe! Wayefuna isongo lakhe.

Kungani uZandile engazange alifake isongo lakhe ngenkathi eya esikoleni?

- Ngoba wayesetholile ukuthi eqinisweni isongo ngelikaGeeta.
- Ngoba wayengafuni ukuthi uGeeta alibone isongo.
- Ngoba wayefuna ukuligcina lingelakhe isongo!



Ukufunda 2

Kungani uZandile ayedonsela phansi umkhono wejezi lakhe?

Wayezama ukufihla isongo ayelitholile futhi eligqokile.

Yini eyenza usuku lukaGeeta lube luhle?


Ukuphinda athole isongo lakhe.

Wazi kanjani uZandile ukuthi isongo kwakungelika Geeta?

- Ingoba wambona uGeeta efuna isongo lakhe.
- Ingoba uGeeta wamtshela ulahlekelwe isongo eliluhlaza sasibhakabhaka elicwebezelayo.

Kungani uZandile anquma ukuphindisela isongo kuGeeta?

- Ngoba wayesetholile ukuthi isongo kwakungelikamngani wakhe.
- Ngoba waqaphela ukuthi uyofaka leli songo ngokulifihla kuphela.
- Ngoba waqaphela ukuthi kuzomjabulisa umngani wakhe ukuthola isongo lakhe.
- Ngoba kwakuyinto efanele ukwenziwa!



INDABA 6

UMELUSI

OWAHLABA UMKHOSI

WATHI 'IBHUBESI'

Indikimba: Sizama ukuba qotho



Imininingwane yangaphambilini

- Lo mbhalo uyindaba yokuziqambela.
- Yenzeka eBotswana.
- Yenzeka esikhathini samanje.
- Le ndaba izosiza abafundi bakho bacabange ngokuthi kusho ukuthini ukuba qotho – nokuthi imiphumela yokukhuluma amanga ingaba yini.



Amanye amaphuzu okwabelana nabafundi bakho

- Le ndaba iyinganekwane, indaba eqanjiwe enesifundo esicacile. Isifundo sale ndaba ukuthi kukhona imiphumela yokukhuluma amanga.
- Le ndaba ingasiza abafundi bacabange ngobudlelwano phakathi kwesizathu nomphumela. Ngokwesibonelo: uma umuntu ekhuluma amanga kaningi (isizathu), abantu bangase bangabe besakholwa nguye uma esebhekene nenkinga yangempela (umphumela).
- Le ndaba ingasiza abafundi bacabange ngezindlela ezahlukene zokubona izinto. Isibonelo: Kungani umelusi ekhala ethi 'ibhubesi'? (Ingabe unesizungu, isithukuthezi noma uyesaba?) Ekugcineni, kungani izakhamuzi zingazange zimsize? (Ingabe zicabanga ukuthi ukhuluma amanga noma akathembekile?)



Isu lokuqondisisa: Yenza iziphetho


- Kuyini: Ukuqagela izinto umbhali angazichazanga ngokuqondile, usebenzisa izinkomba endabeni.
- Kungani sikusebenzisa: Ukuqonda izincazelo ezijulile nemiyalezo efihlekile.
- Kusiza kanjani: Kukusiza ukuthi wenze iziphetho ngenkathi ufunda, futhi uqonde kangcono indaba nabalingiswa bayo.



Ukuze usebenzise leli su:

Ikhasi nesigaba	Funda	Ithi
75, 1	Wase ezibuza ukuthi yini engenzeka uma elinye lamabhubesi lingahlasela enye yezinkomo zakubo eziyigugu. Wahlaba umkhosi, “Ibhubesi! Ibhubesi! Kunebhubesi elihubha izinkomo zakithi!”	Ngingaphetha ngelokuthi uSizwe uzizwa enexhala ngokungenzeka uma ibhubesi lingahlasela izinkomo zakubo! Ngiphetha ngelokuthi ufuna ukwazi ukuthi abantu bazofika yini bamsize.
80, 1	Nokho ngalesi sikhathi, akekho oweza egijima. Izakhamuzi zacabanga ukuthi uSizwe wayezama ukuphinda adlale ngazo.	Ngingaphetha ngelokuthi ngenkathi izakhamuzi zizwa uSizwe ememeza, zamane zaphakamisa amehlo futhi zanganaka kulokhu!

Njalo ekuseni, uSizwe wayeqhuba izinkomo zakubo ayofuna utshani obuluhlaza kakhulu ukuze zidle. Usuku lonke, wayelusa izinkomo zakubo ukuze azivikele kunoma iyiphi ingozi.




Langalimbe kusihlwa, ngenkathi uSizwe esesondela ngakubo, wadlula izakhamuzi zendawo ezazihlezi ngaphandle zikhuluma ngezindaba zangalolo suku.

“Ngizwe kuthiwa elinye ibhubesi leqile esiqiwini lahlasela inkonyane elisanda kuzalwa!” kusho esinye isakhamuzi.

“Ngifunde ngososayensi othile ofuna ukuthi sipende amehlo emuva emzimbeni wezinkomo ukuzama ukuzivikela ekuhlaselweni yibhubesi!” kuhleka esinye isakhamuzi.

“Yini esingayenza uma ibhubesi lingahlasela izinkomo endaweni yangakithi?” kubuza isakhamuzi sesithathu.



Ngakusasa ekuseni uSizwe waqhuba izinkomo zakubo ngasocingweni lwaseMakgadikgadi Pans National Park. Wabona indlulamithi idla ezihlahleni ezinde. Wazibuza ukuthi amabhubesi angazihlasela yini izindlulamithi. Wase ezibuza ukuthi yini engenzeka uma elinye lamabhubesi lingahlasela enye yezinkomo zakubo eziyigugu.

Wahlaba umkhosi, “Ibhubesi! Ibhubesi! Kunebhubesi elihubha izinkomo zakithi!”



Izakhamuzi zagijima zizosiza umfana ngokwesabisa ibhubesi. Nokho ngenkathi zifika ekugcineni kwesiqiwu, azizange zithole ibhubesi, futhi kwakungekho ngisho umkhondo obonisa ukuthi belihubha izinkomo. USizwe wavele wagigitheka kancane ngenkathi ebona ukudideka ebusweni bazo.

“Ungabohlaba umkhosi ngokuthi ‘ibhubesi’ uma lingekho, Sizwe!” kuvungazela izakhamuzi, njengoba zihamba.




Ngentambama elandelayo, uSizwe wazizwa enesithukuthezi njengoba ayehlezi esihlahleni esikhulu somnyezane eluse izinkomo zakubo. Wayemoyizela ecabanga ngobuso obudidekile bezakhamuzi ngenkathi zithola ukuthi ubedlala ngazo izolo. Wanquma ukuphinda adlale ngazo futhi.

Wadonsa umoya wase ehlaba umkhosi,
“Ibhubesi! Ibhubesi!
Kunebhubesi elihubha
izinkomo zakithi!”



Izakhamuzi zeza zigijima ukuzosiza umfana ohlabe umkhosi. Nokho ngenkathi zifika esihlahleni somnyezane, zaphinda zathola kungekho bhubesi, futhi kwakungekho ngisho umkhondo obonisa ukuthi belizigijimisa izinkomo. USizwe wahleka kakhulu manje ngenkathi ebona ubuso bezakhamuzi obucasukile.

“Ungabohlaba umkhosi wokuthi ‘ibhubesi’ uma lingekho ibhubesi!” kuthetha esinye isakhamuzi.



“Kuwukwedelela nokungahloniphi ukudlala ngathi!” kuthetha esinye isakhamuzi sifulathela sihamba.




Ngakusasa, uSizwe waqhuba izinkomo zakubo ukuthi ziyophuza amanzi emfuleni. Wahlala ecabanga ngamanye amaqhinga angawasebenzisa ukuze adlale ngezakhamuzi.


Kusenzalo, kwenzeka into engalungile. Wamangazwa ukubhonga kwezinkomo zakubo. Kwaba nomsindo omkhulu njengoba zazibaleka

zihlakazeka. Kusenzalo, ibhubesi lensikazi laphuma ehlathini leza lihubha inkonyane. USizwe akazange awakholwe amehlo akhe.

“Ibhubesi! Ibhubesi! Kunebhubesi elihubha izinkomo zakithi!” kusho uSizwe ehlaba umkhosi esenkingeni.




Nokho ngalesi sikhathi, akekho oweza egijima.
Izakhamuzi zacabanga ukuthi uSizwe wayezama
ukuphinda adlale ngazo.



Kusihlwa, izakhamuzi zaqala ukuzibuza ukuthi kungani uSizwe engabuyi ekhaya. Zamfuna yonke indawo. Ekugcineni zamthola ekhala – esaba ngisho ukunyakaza. Ibhubesi lensikazi lalihlezi phezu kwenkonyane, ubuso balo bugcwele igazi.


“Kunebhubesi ngempela lapha! Umhlambi wakithi uhlakazekile! Ngihlabe umkhosi ngathi ‘ibhubesi!’ Kungani ningezanga?” kubuza uSizwe eqhaqhazela!



Ikhehla lazama ukududuza umfana ngenkathi
sebephindela emakhaya.

“Sizokusiza ukuthi uthole izinkomo zakini ezilahlekile
ekuseni,” lisho, ligaxa uSizwe. “Akekho
namunye ozile ngoba akekho
okholelwa ngumqambimanga...
noma ngabe esekhuluma
iqiniso!”

Kusukela ngalolo
suku, uSizwe
wanquma
ukuthi ngeke
aphinde adlale
ngezakhamuzi.





Ukufunda 1

USizwe wadlala ngezakhamuzi izikhathi ezingaki?

Wadlala ngazo izikhathi ezimbili.

Silwane sini esahlasela izinkomo zakubo kaSizwe?

Ibhubesi elahlasela izinkomo zakubo.

Kungani izakhamuzi zingazange zize zigijima ngenkathi ibhubesi langempela lihlasela izinkomo zakubo kaSizwe?

- Ngoba uSizwe wahlaba umkhosi wathi “ibhubesi” kabili ngaphambilini, kodwa lalingekho ibhubesi langempela!
- Ngoba uSizwe wayedlale kabili ngazo futhi azizange zisamkholwa.
- Ngoba kwakuzwakala kufana ngenkathi uSizwe eqamba amanga noma nangenkathi esekhuluma iqiniso.
- Ngoba akekho namunye ongamkholwa umuntu oqamba amanga noma esekhuluma iqiniso.



Ukufunda 2

Imaphi amanga aqanjwa nguSizwe?

Wayamba amanga ngokuthi kwakunebhubesi elalihubha izinkomo zakubo, kodwa-ke lalingekho.

Yiliphi ipaki ongaphetha ngokuthi uSizwe wayehlala eduze nalo?

Ngingaphetha ngelokuthi uSizwe wayehlala eduze naseMakgadikgadi Pans National Park, ngoba wayehambisa izinkomo zakubo eduze kocingo.

Kungani uSizwe anquma ukuthi ngeke aphinde adlale ngezakhamuzi?

- Ngoba wabona ukuthi kwazenza zazizwa zingasahlonishwa /zaphatheka kabi/zacasuka.
- Ngoba wabona ukuthi ngenkathi edlala ngazo, lokhu kwenza ukuthi zingezi ngesikhathi esezidinga ngempela.
- Ngoba wabona ukuthi ukudlala ngabantu kunemiphumela emibi.



INDABA 7

IMPILO

ENGENAMKHAWULO

Indikimba: Imfundo yethu



Imininingwane yangaphambilini

- Lo mbhalo uyindaba esaqiniso.
- Yenzeka eTanzania.
- Yenzeka esikhathini esisanda kwedlula.
- Le ndaba izosiza abafundi bakho ukuba bafunde kabanzi ngomuntu wangempela owayebizwa ngoRebeca Gyumi, owakhula azi ukuthi ibaluleke kanjani imfundo kuzo zonke izingane.



Amanye amaphuzu okwabelana nabafundi bakho

- URebeca Gyumi ungummeli waseTanzania nesishoshovu samalungelo ezingane osesebenze kakhulu ukuvikela amantombazane ekuganisweni emancane. Njengowesifazane osemusha, uRebeca wahola ngempumelelo icala enkantolo elasiza ukuguqula imithetho ukuze amantombazane abe neminyaka eyi-18 okungenani phambi kokuba agane eTanzania.
- URebeca ukhuluma emphakathini esebenzisa izindaba, izikole nezinhlelo zomphakathi ukusiza amantombazane azizwe ephephile ukubika izinkinga futhi azithathele izinqumo zawo.



Isu lokuqondisisa: Hlolisisa

- Kuyini: Ukunquma ukuthi uyayithanda yini indaba noma izinqumo ezenziwe ngabalingiswa.
- Kungani sikusebenzisa: Ukwakha imibono ngokokwakho bese uqonde indaba ngokujulile.
- Kusiza kanjani: Kukusiza ukuthi ucabange ngomyalezo wendaba nalokho okholelwa kukho mayelana nayo.



Ukuze usebenzise leli su:

Ikhasi nesigaba	Funda	Ithi
89, 3	“Umama wathi ukugana kubaluleke kakhulu kunesikole, emantombazaneni,” kwasho omunye umngane.	Asihlolisise inkinga kule ndaba: akusibo bonke abantu abathi amantombazane adinga imfundo.
92, 1	Ngalobo busuku, uRebeca watshela unina ngawo wonke amantombazane ayeke isikole. “Ngicela ningivumele ngiqhubeke nesikole mina!” kukhala uRebeca. “Isikole sibaluleke kakhulu,” kuphinda unina “emantombazaneni nasebafaneni!”	Ngihlolisisa ukuthi umama kaRebeca ucabanga ukuthi imfundo ibalulekile kunoma ubani - amantombazane nabafana. Angicabangi ukuthi umama kaRebeca angamyekisa isikole.

URebeca wayelinde impilo yakhe yonke ukuqala isikole! Kusakela eseyingane encane, abazali bakhe babemtshela ngokubaluleka kwemfundo.

“Isikole sibaluleke kakhulu,” kugcizelela unina.

“Imfundo izokunika impilo engenamkhawulo!” kusho ubabekazi ephindelela.



Eseyingane encane, uRebeca wayesithanda isikole. Wayengumngane wamantombazane amaningi ahlakaniphile nanamakhono esikoleni samabanga aphansi saseMazengo, esigodini saseDodoma, ezweni lakubo eTanzania.

“Isikole sibaluleke kakhulu!” unina wayemtshela njalo ekuseni.

“Imfundo izokunika impilo engenamkhawulo!” ubabekazi wayemtshela njalo ntambama.




Ngenkathi uRebeca ekhula, waqaphela ukuthi amanye amantombazane asekilasini lakhe ayeka ukuza esikoleni. URebeca yena wayezizwa sengathi angenza noma yini uma enemfundo! Nokho, wayebona ukuthi akubona bonke ontanga yakhe abathola imiyalezo efana nowakhe emakhaya akubo.

“Umfowethu wathi amantombazane awahlakaniphile njengabafana!” kusho omunye wabangane bakhe.



“Umama wathi ukugana kubaluleke kakhulu kunesikole, emantombazaneni,” kwasho omunye umngane.





Ekilasini lakhe, amantombazane ayeya ngokuncipha esikoleni samabanga aphakeme saseKilakala.


“Wayaphi u-Adla?” kubuza uRebeca kumngane wakhe uJoyce ngolunye usuku, ngenkathi besendleleni bebuya esikoleni.

“O, usenomyeni manje,” kuphendula uJoyce.

“Usamkhumbula uZahra?” kubuza uJoyce. Avume ngekhandu uRebeca. “Naye sewagana, ngakho akasezi esikoleni.”

“UZahra wayezazi kakhulu izibalo. Ngangicabanga ukuthi uyoba udokotela ngelinye ilanga,” kusho uRebeca.

“Kungani kungekho noyedwa umfana oyeke isikole, kodwa amantombazane amaningi wona ayekile?” kuzibuza uRebeca.



Ngalobo busuku, uRebeca watshela unina ngawo wonke amantombazane ayeke isikole.

“Ngicela ningivumele ngiqhubeke nesikole mina!” kukhala uRebeca.

“Isikole sibaluleke kakhulu,” kuphinda unina, “emantombazaneni nasebafaneni!”

“Imfundo izokunika impilo engenamkhawulo!” kuphinda ubabekazi.




URebeca wayezizwa enenhlanhla. Wayefisa sengathi onke amantombazane asekilasini lakhe angathola ukwesekwa okufana nokwakhe emakubo. URebeca wanquma ukuthi uzosebenzisa imfundo yakhe ukusiza amantombazane afane naye.



Enyuvesi yaseDar-es-Salaam, uRebeca wanquma ukwenza izifundo zomthetho. Wafunda ngomthetho waseTanzania, owawuvumela amantombazane ukuthi ashade esemancane kakhulu – eneminyaka eyi-14 nje kuphela ubudala. Nokho, iminyaka yabafana yona yayiba yi-18!

“Kungenzeka ukuthi yilokhu okwenza ukuthi amantombazane amaningi asiyeke isikole,” kucabanga uRebeca. “Ngizowuguqula lo mthetho!”



Emuva kokuphothula izifundo zakhe, uRebeca nozakwabo basebenza kanzima ukuguqula umthetho. Abantu abaningi babethi benza okuphikisana namasiko aseTanzania. Nokho uRebeca wayengavumelani nalokhu. “Noma yiliphi isiko elilimaza amantombazane akulona isiko okufanele ligcinwe!” kuphikisa yena.



URebeca nozakwabo bethula iziphakamiso zabo phambi kwamajaji asenkantolo ephakeme yaseTanzania. Amajaji avumelana nethimba likaRebeca, ase enquma ukuwuguqula umthetho waseTanzania. Lokhu kwasho ukuthi iminyaka esivumelekile yokushada kwamantombazane ngokusemthethweni yaguqulelwa eminyakeni eyi-18 yobudala, okuyiminyaka efanayo neyabafana!



Ngisho noma umthetho wawusuguquliwe, uRebeca akazange ayeke ukusebenza kanzima ukulwela amalungelo amantombazane. URebeca usasebenza ngokuzikhandla ukuqinisekisa ukuthi wonke amantombazane ayazi ukuthi isikole sibalulekile, nokuthi imfundo ingawanika impilo engenayo imikhawulo!





Ukufunda 1

Le ndaba yenzeka kuliphi izwe?

ETanzania.

Yini inkinga esendabeni?

- Inkinga wukuthi amantombazane ayeka isikole.
- Inkinga wukuthi abanye abantu bacabanga ukuthi imfundo ayibalulekile emantombazaneni.

Yini eyenziwa uRebeca ukuzama ukuxazulula inkinga?

- Wanquma ukuba ngummeli.
- Walwisana nemithetho engenabulungiswa noma ecwasayo, waze wayiguqula eminye.

Ucabanga ukuthi kungani uRebeca akhetha ukuqhubeka nesikole?

- Ngoba wayesithanda isikole.
- Ngoba umndeni wakhe wawucabanga ukuthi imfundo ibalulekile.
- Ngoba umndeni wakhe wawufuna ukuthi abe nempilo engenamkhawulo.
- Ngoba wayetshelwa njalo ukuthi imfundo ibaluleke ukudlula yonke into – emantombazaneni nasebafaneni.



Ukufunda 2

Ngubani otshela uRebeca ukuthi imfundo ibalulekile?

Unina nobabekazi / Abazali bakhe.

Kungani amantombazane ayesiyeka isikole kodwa abafana bengasiyeki?

- Ngoba ayesheshe agane noma ashade.
- Ngoba umthetho wawuthi amantombazane angashada esemancane kunabafana.

Ungakwazi yini ukuhlola okuthile ngoRebeca? Ucabanga ukuthi ungumuntu onjani?

Ngicabanga ukuthi u... ngoba...

Kungani ucabanga ukuthi uRebeca Gyumi wayezimisele ukuguqula umthetho waseTanzania?

- Ngoba wayefundiswe ukuthi imfundo iyona ebaluleke ngaphezu kwayo yonke into.
- Ngoba wabona ukuthi umthetho wawenza ukuthi amantombazane amaningi ayeke isikole.
- Ngoba wayefuna ukuqiniseka ukuthi wonke amantombazane athola imfundo ngaphambi kokuthi ashade.
- Ngoba wayefuna amantombazane azi ukuthi angaba yinoma yini afuna ukuba yiyo!
- Ngoba wabona ukuthi umthetho wawunomthelela ongemuhle emantombazaneni asezweni lakubo.

INDABA 8

UKULWELA IMFUNDO KUKAMALALA



Indikimba: Imfundo yethu



Imininingwane yangaphambilini

- Lo mbhalo uyindaba esaqiniso.
- Yenzeka ePakistan.
- Yenzeka esikhathini esisanda kwedlula (cishe ngo-2012).
- Le ndaba izosiza abafundi bakho bafunde kabanzi ngomuntu wangempela ogama lakhe linguMalala Yousafzai, oqhubeka nokulwela ukuthi wonke amantombazane athole imfundo.



Amanye amaphuzu okwabelana nabafundi bakho

- Emhlabeni wonke, amantombazane angaphezu kwezigidi eziyi-130 awasafundi ngenxa yokucwasa ngokobulili.
- UMalala Yousafzai (ophinyiswa: mah lah lah yoo sahf zai) uyintombazane yasePakistan eyalwela ilungelo lokufunda esikoleni lazo zonke izingane, ikakhulukazi amantombazane.
- Usiza izingane ngokukhuluma, abhale (indaba yakhe encwadini ebizwa ngokuthi *I Am Malala*), nangokweseka izinhlelo ezithumela amantombazane esikoleni.



Isu lokuqondisisa: Yenza ukuxhumanisa

- Kuyini: Ukucabanga ukuthi indaba ihlobene kanjani nempilo yakho, nezinye izincwadi, noma umhlaba jikelele.
- Kungani sikusebenzisa: Ukuze uqonde indaba kangcono ngokuyixhumanisa nezinto osuvele uzazi.
- Kusiza kanjani: Kwenza indaba ibe nencazelo ebanzi futhi kube lula ukuyikhumbula.



Ukuze usebenzise leli su:

Ikhasi nesigaba	Funda	Ithi
102, 4	“Kungumsebenzi wami ukuqinisekisa ukuthi amantombazane asesigodini sakithi athola onke amathuba atholwa ngabafana,” kuphendula uyise kaMalala ngokugcizelela. Wabheka uMalala omncane ekhula futhi efunda kanye namanye amantombazane eMingora.	Ngingenza ukuxhumanisa. Bobabili oMalala noRebeca Gyumi banemindeni ebasekelayo emakubo. Yomibili imindeni yayikhathalele ukuqinisekisa ukuthi amadodakazi ayo athola imfundo enhle.
111, 1	Ngenkathi eneminyaka eyi-17 nje kuphela, uMalala wanikezwa umklomelo wokuthula obizwa nge-Nobel Peace Prize. Nguyena owayemncane kunabo bonke ukuthola lo mklomelo. UMalala waqhubeka nokusebenzela ukwakha umhlaba lapho onke amantombazane ezofunda futhi ahole khona.	Bobabili oMalala noRebeca baqhubeka nokulwela ukuthi amantombazane athole imfundo. Bobabili bakhathalela ukuthi amantombazane athole amathuba afanayo nawabafana.

UMalala wazalelwa eMangora, ePakistan mhla ziye-12 kuNtulikazi ngonyaka ka-1997.

“Ukuba nje bekungumfana!” kusho omunye womakhelwane kuZiaddin, uyise kaMalala.

“Uzokwenzani ngentombazane? Angeke ikwazi ukukulethela izinhlanhla!” kusho omunye, enikina ikhanda.

“Ngizonikeza uMalala lonke ithuba ebengizolinikeza ingane yomfana,” kuphendula uyise, ebuka amehlo endodakazi yakhe amakhulu.



UZiauddin wasigcina isethembiso sakhe sokunika uMalala kanye namantombazane afana naye lonke ithuba abafana abangaba nalo. Wasungula isikole samantombazane eMingora.

“Kungani wakha isikole samantombazane?” kubuza omunye womakhelwane kuZiauddin ngenkathi eya emsebenzini.

“Kungani ufundisa izingane zamantombazane?” kubuza omunye, enikina ikhanda.

“Kungumsebenzi wami ukuqinisekisa ukuthi amantombazane asesigodini sakithi athola onke amathuba atholwa ngabafana,” kuphendula uyise kaMalala ngokugcizelela. Wabheka uMalala omncane ekhula futhi efunda kanye namanye amantombazane eMingora.



Nokho konke lokhu kwaguquka ngenkathi iTaliban ithatha izintambo zombuso. Impilo yaguquka ngezindlela eziningi. Ukuba nomabonakude kwangasavumeleka. Nokudlala umculo kwangasavumeleka. Kanti nokuya kwamantombazane esikoleni kwakungavunyelwe.



ITaliban yase ibhubhise izikole zamantombazane eziyi-3100 ngenkathi itshela uZiauddin ukuthi avale iminyango yesikole sakhe.

“Bengifuna ukuthi uMalala namanye amantombazane bathole onke amathuba abafana abawatholayo, kodwa angikwazi ukubeka impilo yabo engcupheni,” kucabanga uZiauddin.

UMalala wavalelisa kubalingani bakhe ehlengezela izinyembezi. Wayengazi ukuthi uyophinda alubeke unyawo lwakhe ekilasini futhi abone nabangani bakhe.




UZiauddin waqhubeka nokufundisa uMalala izinto eziningi ekhaya. Nokho uMalala wayekhumbula ukufunda esikoleni kanye namanye amantombazane afana naye.



NgoMandulo wezi-2008, UZiauddin wathatha uMalala waya naye ePeshwar Press Club, inhlango yezintatheli. Kulapho-ke uMalala ethula khona inkulumo yakhe yokuqala.

“Kwenzeka kanjani ukuthi iTaliban ingephuze ilungelo lami elibalulekile lokuthola imfundo?” kusho uMalala ebuza izethameli zakhe. Ngakusasa, amazwi akhe avela kumaphephandaba nakomabonakude ePakistan yonkana.

UMalala wayazi ukuthi amazwi akhe azothukuthelisa iTaliban. Kodwa wanquma ukuthi ngeke athule – ngisho noma lokho kwenza abe isisulu.



UMalala waqhubeka ekhuluma ngelungelo lemfundo. Wabhala ngezinto azenzayo ukuze bonke abantu emhlabeni bezoqonda ubunzima abhekene nabo. Wabuye wavela kumabonakude.

“Umvumela kanjani uMalala ukuthi akhulume kumabonakude mayelana nemfundo yamantombazane?” kubuza ngokuhleba omunye womakhelwane kuZiauddin.

“Kungcono uvele uthobele imithetho yeTaliban!” kuthetha omunye, enikina ikhanda.

“Nginikeze uMalala amathuba afana nawabafana, ngakho-ke manje useyazikhulumela,” kuphendula uyise ngokuziqhenya.



Njengoba uMalala eseqala ukwaziwa, wayesongelwa futhi esatshiswa ngokufa. UMalala wayesenokwesaba, kodwa ukwesaba kwakhe akuzange kumvimbe ukuthi akhulumele amantombazane.



NgoMfumfu wonyaka wezi-2012, esendleleni eya ekhaya ebuya ukuyobhala ukuhlolwa, indoda eyayiphethe isibhamu izifihle ubuso yagibela ibhasi elilodwa noMalala. “Ngubani uMalala?” kubuza indoda. Yase idubula uMalala kwesokunxele sekhandla lakhe.

UMalala walimala kakhulu kodwa wasinda. Wahanjiswa esibhedlela samasosha ngendiza enophephela emhlane ePakistan. Waphinda wadluliselwa kwesinye isibhedlela. Ngemuva kwalokho wahanjiswa e-UK ukuyothola okunye ukwelashwa.

Ngesikhathi iTaliban ithola ukuthi uMalala usindile, yakhapha isitatimende esithi izophinde imenze isilo sengubo uma engabuyela ePakistan.



Nokho uMalala waphinde wathola imiyalezo emihle eyayiphuma emhlabeni wonke.

“Siyabonga ukuthi ulwele imfundo yamantombazane,” kusho enye incwadi.

“Ukhombise umhlaba wonke ukuthi kulukhuni kangakanani kwamanye amantombazane ukuthola imfundo. Siyabonga ngokusiza ukuguqula umhlaba,” kusho umyalezo we-Facebook.

“Kuwumsebenzi wami ukuqinisekisa ukuthi onke amantombazane athola amathuba afanayo nawabafana,” kunquma uMalala.



Ngenkathi eneminyaka eyi-17 nje kuphela, uMalala wanikezwa umklomelo wokuthula obizwa nge-Nobel Peace Prize. Nguyena owayemncane kunabo bonke ukuthola lo mklomelo. UMalala waqhubeka nokusebenzela ukwakha umhlaba lapho onke amantombazane ezofunda futhi ahole khona.





Ukufunda 1

Wazalelwaphi uMalala?

Wazalelwa eMingora, ePakistan.

Kungani uMalala kwakumele ayeke ukuya esikoleni?

- Kwakumele ayeke isikole ngoba amantombazane ayenqatshelwa ukuya esikoleni.
- Kwakumele ayeke esikoleni ngenkathi iTaliban ithatha izintambo zokubusa, ngoba yawanqabela amantombazane ukuthi aye esikoleni.

Kungani uMalala ayesongelwa yiTaliban?

- Ngoba wakhuluma ngelungelo lakhe lokuthola imfundo.
- Ngoba wavela ephephandabeni nakumabonakude ekhuluma ngokubaluleka kwemfundo yamantombazane.
- Ngoba iTaliban iyawanqabela amantombazane ukuthi aye esikoleni, kanti uMalala akavumelani nayo.
- Ngenxa yokucwasa ngokobulili.



Ukufunda 2

Kuyini ukucwasa ngokobulili?


Ukucwasa ngokobulili ukuphatha amantombazane nabafana ngendlela ehlukile / ukungabanikezi amathuba afanayo.

Ungazizwa kanjani uma kungaba khona umuntu okucwasa ngenxa yobulili bakho?


Ngingazizwa ... ngoba...

Kungani bobabili oRebeca Gyumi noMalala Yousafzai banikela ngempilo yabo ekulweleni imfundo yamantombazane?

- Ngoba bobabili babekholelwa ekutheni amantombazane kufanele abe namathuba afanayo nawabafana.
- Ngoba bobabili bakhulela emindenini eyayingabacwasi – babefuna wonke amantombazane aphaathwe njengabo.
- Ngoba imfundo yayibaluleke kubo bobabili, babefuna ukuqiniseka ukuthi onke amantombazane ayayithola imfundo.



ITHEMU 2



IBALAZWE LASENINGIZIMU AFRIKA




iNyakatho Kapa



iNtshonalanga Kapa

Ulwandle lwe-
Atlantic





iNyakatho yaseMelika

Ulwandle lwe-Atlantic

Ulwandle lwePacific

iNingizimu yaseMelika


Imbawula yelanga kaXochitl efudumeza amanzi

A circular inset illustration showing a young girl with dark hair, wearing a red and white patterned shirt, sitting at a desk and reading an open book. A bookshelf filled with books is visible in the background.

Ulwandle lwe- Atlantic

Ulwandle lwePacific

iNgingizimu yaseMelika



ITHEMU 2 IZINDABA



1. UZweli wakha ibhola

119



2. ULi Jie, umcibi omangalisayo futhi onekhono

131



3. Incwadi yokuqala kaStacey

145



4. Ababhali bokuqala bomhlaba

161



5. UKhumo uthola umngani omusha

175



6. Isemishi elengeziwe

189



7. Umshini womoya omangalisayo kaWilliam

203



8. Imbawula yelanga kaXochitl efudumeza amanzi

219

INDABA 1

UZWELI WAKHA IBHOLA

Indikimba: Siyazilolonga



Imininingwane Yangaphambilini

- Lena indaba yokuziqambela.
- Yenzeka eNingizimu Afrika.
- Yenzeka esikhathini samanje.
- Le ndaba izosiza abafundi bakho baqonde ukuthi ukuzilolonga kusenza sithuthuke, noma ngabe sizizwa sinamahloni noma senze amaphutha ekuqaleni.



Isu lokuqondisisa: Yenza iziphetho

- Kuyini: Ukuqagela izinto umbhali angazichazanga ngokuqondile, usebenzisa izinkomba endabeni.
- Kungani sikusebenzisa: Ukuqonda izincazelo ezijulile nemiyalezo efihlekile.
- Kusiza kanjani: Kukusiza ukuthi wenze iziphetho ngenkathi ufunda, futhi uqonde kangcono indaba nabalingiswa bayo.



Amanye amaphuzu okwabelana nabafundi bakho

- Wonke umuntu uyawenza amaphutha ngesinye isikhathi. Emidlalweni efana nebhola lezinyawo, ukwenza amaphutha kungasho ukugeja ibhola noma ukugeja igoli. Nakuba kuvamile ukwenzeka kwamaphutha, kungazwakala kuyihlazo.
- Ukuzilolonga kusho ukwenza into uphindelela ukuze uthuthuke. Uma sizilolonga, siyathuthuka ngokuhamba kwesikhathi. Ngisho nokuzilolonga okuncane nsukuzonke kwenza omkhulu umehluko.
- Ngemva kokuzilolonga, uZweli uzizwa esekulungele ukudlala ibhola nezingane esezikhulile. Uma sizilolonga, kungasenza sibe nokuzethemba ngamakhono ethu.



Ukuze usebenzise leli su:

Ikhasi nesigaba	Funda	Ithi
121, 2	Ibhola leza ngakuyena. Wazama ukulikhahlela alibuyisele emuva ezinganeni ezindala. Kodwa waligeja ibhola. Wabuzwa bushisa ubuso bakhe. Wabaleka waya kubo.	Ngingasho ukuthi uZweli ufuna ukudlala ibhola lezinyawo, ngoba ubukela ezinye izingane zidlala. Uma egeja ibhola, kuthiwa uzwa ubuso bakhe bushisa bese uyabaleka. Ngelokho ngingasho ukuthi uzizwa ephoxekile uma egeja ibhola.
127, 1	UZweli wathatha ibhola lakhe elisha waphumela ngaphandle. Walikhahlela ephindelela ibhola. Wabeka amatshe amabili njengepali lakhe. Wazilolonga ekhahlelela phakathi kwamatshe.	Ngiyakhumbula ukuthi uZweli waligeja ibhola ekuqaleni kwendaba. Ngingasho ufuna ukuzilolonga ukuze alidlale kangcono ibhola lezinyawo. Ngaleyo ndlela, ngeke aphinde aligeje ibhola futhi!

UZweli wabona izingane ezindala zidlala ibhola likanobhutshuzwayo. Wahlala eceleni kwenkundla yokudlala. Wayefuna ukudlala kodwa waba namahloni ukubacela.

Ibhola leza ngakuyena. Wazama ukulikhahlela liye ezinganeni ezindala. Kodwa waligeja ibhola. Wezwa ubuso bakhe sengathi buyashisa. Wagijimela ekhaya kubo.



‘Ngidinga ukuzilolonga,’ ecabanga. ‘Ngidinga ibhola.’

UZweli wacinga indlu yonke efuna ibhola likanobhutshuzwayo. Wathola ibhola elibomvu elincane. Wazama ukulikhahlela, kodwa lalingelikhulu ngokwanele. ‘Ngidinga ukwenza leli bhola libe likhudlwana,’ ecabanga. UZweli wacabangisisa ngendlela angenza ngayo ibhola lakhe elincane libe ibhola elikhulu likanobhutshuzwayo.



UZweli waqale wafuna into angenza ngayo ibhola lakhe libe likhudlwana. Wathola iphephandaba elidala eduze komgqomo kadoti. Wogoqa ibhola lakhe elincane ngephephandaba. Wazama ukulikhahlela. Kodwa iphephandaba lamane laphuma ebholeni elincane. 'Ngidinga into ezokwenza iphephandaba linamathele ebholeni elincane,' ecabanga.



UZweli waya ekhishini. Wathola iphakethe leSimba elalingasetshenziswa muntu. Wagoqa iphephandaba ngephakethe. Wazama ukulikhahlela. Iphephandaba alizange lisuke. Kodwa lalingelikhulu njengebhola likanobhutshuzwayo.




‘Ngingalenza kanjani ukuthi libe likhudlwana?’
ecabanga. Wathola isikhwama sikanina esidala
ngaphansi kombhede. Wabuza unina ukuthi
angasisebenzisa yini. ‘Yebo,’ kusho unina.
‘Bengizimisele ukusilahla.’ UZweli wasika isikhwama
wagoqa ibhola lakhe ngaso.



UZweli waya ekhishini. Wathola isikhwama sepulastiki esasingasetshenziswa muntu. Wagoqa ibhola lakhe ngepulastiki walibopha laqina. Wayesethola intambo endala. Wayibopha ebholeni lakhe ukuthi ibambe ipulastiki ingasuki. Wabuka ibhola lakhe likanobhutshuzwayo elisha. Ekugcineni lalilikhulu ngokwanele!



UZweli wathatha ibhola lakhe elisha waphumela ngaphandle. Wayelokhu ekhahlela ibhola. Wabeka amatshe amabili wawenza kwaba amapali akhe. Wazilolongela ukukhahlela ibhola lingene phakathi kwamatshe.



Emuva kwezinsuku ezimbalwa uZweli wahlala ngasenkundleni yezemidlalo wabuka izingane ezindala zidlala ibhola likanobhutshuzwayo. Wayezilolonge kakhulu. Omunye walezi zingane ezindala weza kuye. Wathi ‘Ngikubone ufaka amagoli lapha kini ngaphandle! Ungangena eqenjini lethu!’

UZweli wasukuma wangena enkundleni yezemidlalo, ezimisele ukudlala ibhola likanobhutshuzwayo nezingane ezindala.





Funda 1

Yini uZweli ayithola kuqala?

Waqala ngokuthola ibhola elincane.

Waphinde watholani futhi?

Wathola iphephandaba elidala.

Kuyini okunye uZweli akuthola?

Wathola iphakethe leSimba, isikhwama sikaninaesidala, kanye nesikhwama sepulastiki.

Kungani intombazane endala yacela uZweli ukuthi azodlala ibhola likanobhutshuzwayo nezingane ezindala?

- Ngoba yambona ezilolonga.
- Ngoba uZweli wazenzela ibhola wayesezilolongela ukudlala ibhola likanobhutshuzwayo.
- UZweli wafaka amagoli amaningi ngenkathi ezilolonga.
- Yambona ezilolonga futhi efaka amagoli.
- Ngoba wasebenza ngokuzikhandla ukuze akwazi ukwenza kangcono ebholeni likanobhutshuzwayo.



Funda 2

Kungani ubuso bukaZweli bezwakala bushisa?

Wayenamahloni ngoba wageja ibhola ngenkathi ekhahlela.

Kungani uZweli aba namahloni?

Ngoba wageja ngenkathi ezama ukukhahlela ibhola phambi kwezingane ezindala.

Ucabanga ukuthi uZweli wazizwa kanjani ngenkathi izingane ezindala zimcela ukuthi adlale nazo?

Ngicabanga ukuthi uZweli wazizwa...

Kungani uZweli asebenza ngokuzikhandla ukwenza ibhola likanobhutshuzwayo?

- Ngoba wayefuna ngempela ukuzilolongela ukudlala ibhola likanobhutshuzwayo.
- Ngoba waba namahloni ngenkathi egeja ibhola ngakho wayefuna ukuzilolonga.
- Ngoba wayengalitholi ibhola likanobhutshuzwayo ayengazilolonga ngalo kanti ufuna ukwenza kangcono ebholeni likanobhutshuzwayo.
- Ngoba wayengasafuni ukuphinde azizwe enamahloni.
- Ngoba wayezimisele ukuthi enze kangcono ebholeni likanobhutshuzwayo!



INDABA 2

ULI JIE, UMCIBI OMANGALISAYO FUTHI ONEKHONO

Indikimba: Siyazilolonga



Imininingwane Yangaphambilini

- Lo mbhalo uyindaba yokuziqambela.
- Yenzeka eShayina.
- Yenzeka kudala.
- Le ndaba izosiza abafundi bakho baqonde ukuthi amakhono ayathuthuka ngokuzilolonga, futhi noma ubani angathuthukisa amakhono amangalisayo uma ezilolonga ngokwanele.



Isu lokuqondisisa: Hlolisisa

- Kuyini: Ukunquma ukuthi uyayithanda yini indaba noma izinqumo ezenziwe ngabalingiswa.
- Kungani sikusebenzisa: Ukwakha imibono ngokwakho bese uqonde indaba ngokujulile.
- Kusiza kanjani: Kukusiza ukuthi ucabange ngomyalezo wendaba nalokho okholelwa kukho mayelana nayo.



Amanye amaphuzu okwabelana nabafundi bakho

- Le ndaba isuselwe enganekwaneni yamaShayina. Inganekwane indaba esixoxwe kaninginingi isikhathi eside. Izinganekwane zihlose ukusifundisa isifundo esithize.
- Le ndaba imayelana nomcibisheli obizwa ngoLi Jie. Umcibisheli umuntu ociba imicibisholo esebenzisa umnsalo. Ukudubula ngomnsalo umdlalo odinga ukugxila, ukulawula, nokuzilolonga.
- Ikhono (njengokudubula ngomnsalo) into ozifundisa ukuyenza kahle. Akekho umuntu ozalwa enekhono njengokudubula ngomnsalo - liyinto ethuthukiswa ngokuzilolonga kakhulu nokusebenza kanzima.
- Indaba isifundisa ukuthi ukukwazi ukwenza kahle okuthile, akusho ukuthi ukuba ngokhethekile. Kunalokho, kumayelana nokuzilolonga okuphindaphindiwe uze uthuthuke.



Ukuze usebenzise leli su:

Ikhasi nesigaba	Funda	Ithi
134, 2	“Akekho noyedwa ongcono kunami!” wacabanga.	Ngiphetha ngokuthi uLi Jie uyazikhukhumeza - ucabanga ukuthi ungcono kunawo wonke umuntu, futhi uhamba enyuse ikhala.
136, 1	Ngenkathi umcibisholo kaLi Jie ushaya esikhonkosini, izihlwele zamshaya ihlombe kakhulu. ULi Jie waphenduka wabheka abalandeli bakhe wakhothama.	Ngingaphetha ngokuthi uLi Jie uyakuthanda konke ukunconwa akutholayo, ngoba uyaphenduka ubheka abalandeli bakhe bemshayela ihlombe.

Kudala eShayina yasendulo, kwakuhlala umcibi ogama lakhe linguLi Jie. Wayaziwa yonke indawo ngokuphonsa imicibisholo ngokunemba okumangalisayo. Uma ehamba emgwaqweni, wayezwa abantu behleba.

“Akekho ongcono kunaye!” kuhleba amadoda.

Asikaze sibone ukunemba okunjena!” kuhleba abafazi.



ULi Jie wayekholwa ukuthi uyamangalisa.
Wayeqhoshile.


“Akekho noyedwa ongcono kunami!” ecabanga.



Ngolunye usuku wayezilolonga ukuphonsa ngokunemba ezinkundleni zokuciba. Isixuku sabuthana ukuzobukela uLi Jie. Ngenkathi ephakamisa umcibisholo wakhe, wezwa abantu behleba.

“Akekho ongcono kunaye!” kuhleba amadoda.

“Asikaze sibone ukunemba okunjena!” kuhleba abafazi.



Ngenkathi umcibisholo ka Li Jie ushaya esikhonkosini, izihlwele zamshaya ihlombe kakhulu. ULi Jie waphenduka wabuka abalandeli bakhe wase ekhothama. Kodwa ngenkathi ephenduka, wabona ikhehla elidayisa amafutha. Ikhehla lalibukele, kodwa alizange limshayele ihlombe.



ULi Jie wayekholwa ukuthi bonke abantu kumele bamthande. Waya kuleli khehla.

“Ngikubone ungibhekile kodwa ungashayanga ihlombe. Usuke wabona yini umcibi ongcono kunami ngaphambili?” ebuza uLi Jie.

“Cha angikaze!” kuphendula ikhehla.

“Pho kungani ungangishayelanga ihlombe?” kubuza uLi Jie ngokucasuka.



Ikhehla lathula okwesikhashana.


Lase liphendula, “Awulona iqhawe elivelele. Awusona isithixo. Ungumcibi onekhono ngoba uyazilolonga. Into engihlabe umxhwele ukuphikelela kwakho ngaphezu kokunemba kwakho.”

ULi Jie akazange akukholwe ayekuzwa. Wayekholwa ukuthi uthandwa yiwo wonke umuntu.

“Yini-ke wena ongayenza? Yiliphi ikhono onalo elenza ungahlabeki umxhwele ngami?” ebuza ngokuphakamisa kancane izwi lakhe.



Ikhehla alishongo lutho. Kunalokho, lathatha ibhodlela etafuleni lalo lalibeka phansi emhlabeni. Ngemva kwalokho, lathatha uhlamvu lwemali yethusi lase lilubeka emlonyeni webhodlela. Ikhehla lakha ngokhezo amafutha asembizeni enkulu, lawaphakamisela phezulu lase liqala ukugcwalisa ibhodlela ngembobo encane eyayikulolu hlamvu lwemali.



Isixuku sabuka ngokumangala okukhulu. Ngenkathi amafutha egcwala ebhodleleni, uLi Jie wazwa abantu behleba.

“Akekho ongcono kunaye!” kuhleba amadoda.

“Asikaze sibone ukunemba okunjena!” kuhleba abafazi.



Kodwa ikhehla alizange likholwe ukuthi lalimangalisa.
Alizange libe nokuqhosha.

“Lokhu akukhona okukhethekile,” lisho. “Nginaleli
khono ngoba ngiyazilolonga. Uma uzilolonga
ngokuphikelelayo, ungakwazi ukunemba njengami.”
Futhi ngalawo mazwi, lanyamalala.



ULi Jie wasala enkundleni, ecabanga ngokujulile.
Isixuku esasibukele sasala, sihleba.

“Bengicabanga ukuthi ayikho indoda noma umfazi
ongamangalisa futhi akwazi ukunemba njengami!”
kucabanga uLi Jie.

“Mhlawumbe uma sizilolongela ukuciba, singaba
ngcono!” kuhleba amadoda.

“Mhlawumbe asikaze sibone ukunemba okufana
nalokhu ngoba akekho oke wasebenza kanzima
kangaka!” kuhleba abafazi.

Kusukela ngalolo suku, abantu balelo zwe bakwazisa
ukusebenza kanzima nokuzilolonga ukwedlula noma
yiliphi ikhono.





Funda 1

Wayewumpetha wani uLi Jie?

Ungumpetha wokuba umcibi.

Yini eyaziswa yikhehla?

Ikhehla lazisa ukuzilolonga kunekhono.

Kungani ikhehla lingazange limshayele ihlombe uLi Jie?

- Ngoba lalingacabangi ukuthi uLi Jie uyiqhawe elivelele noma isithixo.
- Ngoba labona ukuthi uLi Jie ungumcibi omuhle ngenxa yokuzilolonga.
- Ngoba alihlatshangwa umxhwele ngo-Li Jie.
- Ngoba wonke umuntu angaba umpetha entweni ethile uma ezilolonga.



Funda 2

Yini eluwumpetha kuyo ikhehla?

Lingumpetha wokuthela amafutha ngokucophelela.

Yibuphi ubufakazi ongabusebenzisa ekwenzeni ukucabangela ukuthi uLi Jie ungumuntu oqhoshayo?


Ngingenza loku kucabangela ngoba:

Wayekholwa ukuthi uyamangalisa.

- Wayezikhukhumeza.
- Wacasuka ngesikhathi ebona ikhehla lingamshayeli ihlombe.
- Wayecabanga ukuthi wonke umuntu kumele amthande.

Kungani uLi Jie amangala ngenkathi ikhehla lingashayi ihlombe?

- Ngoba wonke umuntu wayethi ungcono kakhulu.
- Ngoba wayesejwayele ukuthi wonke umuntu uthanda ikhono lakhe lokuciba.
- Ngoba ucabanga ukuthi ungcono kakhulu.
- Ngoba wayengacabangi ukuthi ikhehla lake labona umcibi ongcono kunaye.



INDABA 3

INCWADI YOKUQALA

KASTACEY

Indikimba: Singababhali



Imininingwane
Yangaphambilini

- Lena indaba esaqiniso.
- Yenzeka eNingizimu Afrika.
- Yenzeka esikhathini samanje.
- Le ndaba izosiza abafundi bakho bakholelwe ukuthi nabo bangaba ababhali, futhi nemibono yabo isemqoka futhi ibalulekile ukwabelana ngayo.



Isu lokuqondisisa:
Thola futhi ukhumbule
imininingwane

- Kuyini: Ukufuna nokukhumbula imininingwane ebalulekile efana nabalingiswa, indawo yesigameko, nezehlakalo.
- Kungani sikusebenzisa: Ukuqonda kangcono ukuthi kwenzekeni endabeni nokugcina ulwazi olufundwayo.
- Kusiza kanjani: Kukusiza ukuthi ukwazi ukuxoxa ngendaba futhi uqonde ukulandelana kwezehlakalo ngendlela.



Amany amaphuzu
okwabelana nabafundi
bakho

- Umbhali umuntu obhala izincwadi. Ababhali bacabanga ngemibono bese bebhala ngayo. Izincwadi zibhalwa ngabantu - ngisho nezingane zingaba ababhali.
- Ukushicilela incwadi kusho ukuyiphrinta ukuze abanye abantu bayifunde. Ngesinye isikhathi ababhali bethula incwadi yabo ukubungaza ukuthi seyiphrintiwe futhi isikulungele ukufundwa.
- Iphupho into ofisa ukuyifeza. Abantu bangasebenza kanzima ukufeza amaphupho abo. Nabantu abasebancane bangaba namaphupho amakhulu!
- Ukuxhumanisa nendikimba eyedlule: Ukubhala incwadi kuthatha isikhathi nokuzilolonga. Ababhali bayahlela, babhale, futhi bahlele (balungise) umsebenzi wabo. Ababhali badinga ukuzethemba nokuzithiba.



Ukuze usebenzise leli su:

Ikhasi nesigaba	Funda	Ithi
151, 3	“Wabhala incwadi?” ubaba wakhe wabuza, “Ibizwa ngokuthini?” “Ibizwa ngokuthi <i>Amakati Anukayo</i> . Uthi ufuna ukuyishicilela. Ngizibuzisa ukuthi kungenzeka yini lokho?” unina ezibuzisa ephimisela.”	Sasithini isihloko sencwadi kaStacey, yokuqala? Ngifunda lapha ukuthi ibizwa ngokuthi <i>Amakati Anukayo</i> .
152, 1	Abazali bakaStacey bayifunda incwadi. Babengenasiqiniseko. “Ngizibuzisa ukuthi iyoke ishicilelwe yini?” kubuza uyise. “UStacey mncane kakhulu! Angayishicilela kanjani incwadi umuntu oneminyaka eyisikhombisa?” unina ezibuzisa ephimisela.	Bazizwa kanjani abazali bakaStacey mayelana nokushicilelwa kwencwadi yakhe? Ngifunda lapha ukuthi bazizwa bengenasiqiniseko.

UStacey Fru wazalelwa eGoli, eNingizimu Afrika ngonyaka wezi-2007. Eselusana, uTracey wayegonwa ngabazali bakhe bamfundele izincwadi njalo. Babemkhombisa imifanekiso enemibala egqamile njengoba uStacey emamatheka futhi egigitheka.



Ngenkathi eyingane encane wayevame ukuhlala phansi phambi kweshalofu elikhulu lezincwadi, akhiphe incwadi ngemuva kwenye.

Wayethanda ukuphenya amakhasi, abuke imifanekiso enemibala egqamile. Wayethanda ukufunda igama ngalinye.



UStacey wayecabanga ukuthi izincwadi ayezifunda
zazibhalwe futhi zidwetshwe yizingane, njengaye.
Wanquma ukuthi ufuna ukuba njengazo lezo zingane.
Wayefuna ukubhala eyakhe incwadi, futhi wenza njalo.



Ngolunye usuku, ngenkathi uStacey eneminyaka eyisikhombisa, unina wangena egunjini lakhe lokulala. “Bheka! Ikhasi lokugcina lencwadi yami!” Kumemezela uStacey, ephakamisa ikhasi lakhe lokugcina. Unina wabona inqwaba yamakhasi awaqedile ephezu kwe likaStacey. “Ngifuna ukuyishicilela,” kusho uStacey ngokuzethemba, “ukuze ezinye izingane zizoyifunda!”




Ngalobo busuku, abazali bakaStacey bahlala ndawonye embhedeni.

“Uyazi yini ukuthi uStacey ubhale incwadi yonke?” kubuza unina kaStacey.

“Ubhale incwadi?” kubuza uyise. “Sithini isihloko sencwadi?”


“Sithi *Amakati Anukayo*. Uthi ufuna ukuyishicilela. Ngiyazibuza ukuthi kungenzeka yini?” kusho unina edidekile.



Abazali bakaStacey bayifunda incwadi.
Babengathembi kahle.

“Ngiyazibuza ukuthi kazi izoshicilelwa yini?” kubuza uyise.

“UStacey usemncane! Kungenzeka kanjani ukuthi ingane eneminyaka eyisikhombisa nje ishicilele incwadi?” unina wayezibuza engenakuphendulwa muntu.



Kodwa, babefuna ukumsiza uStacey afeze isifiso sakhe.

Unina kaStacey wadlulisela umsebenzi wakhe kuchwepheshe wezokuhlela.

Umhleli wafunda igama ngalinye encwadini ethi *Amakati Anukayo*.

“Ngicabanga ukuthi lokhu kufanele kushicilelwe!” kusho yena.

UStacey wamamatheka ngokuziqhenya.



Ngenkathi incwadi ethi *Amakati Anukayo* isishicilelwe, uStacey wasiza ukuhlela ukwethulwa kwencwadi, ukuze atshele ezinye izingane nabazali konke okumayelana nencwadi yakhe.

“Ngiyibhale yonke le ncwadi mina mathupha,” uStacey etshela izethameli.

“Ngicabanga ukuthi kubalulekile ukuthi izingane eziningi – ikakhulukazi ezingama-Afrika – ziveze imizwa yazo ngokubhala!”





Incwadi ethi *Amakati Anukayo* yathola ukunakwa okungaphezu kokwethulwa kwayo. Le ncwadi yamukelwa nguMnyango Wezemfundo Eyisisekelo waseNingizimu Afrika, okusho ukuthi izingane zinelungelo lokuyifunda le ncwadi esikoleni! Ngonyaka wezi-2015, uStacey wathola umklomelo – Wencwadi Ezedlula Zonke Ekuthuthukiseni Ukukhula Kwezingane. Abazali bakhe bambuka ngokuziqhenya uStacey ekhuphukela esiteji eyokwamukela umklomelo.

“Unokuzethemba okukhulu!” kusho unina.

“Bekungafanele singabaze ngaye! kusho uyise.

“Akufanele siphinde singabaze imibono yakhe!” kuvuma unina.

Abazali bakaStacey bazizwa benokuziqhenya.

Kusukela wabhala ncwadi ethi *Amakati Anukayo*, uStacey waqhubeka ukubhalela izingane ezinjengaye izincwadi. Nokho umsebenzi wakhe waba ngaphezu kokubhala. UStacey wayepha ngothando. Waqala eyakhe inhlango, esebenza ukunikela ngezincwadi, amakhompyutha, izingubo nokudla kubantu abaswele.



UStacey wasebenzisa impumelelo yakhe ukuze abe umgqugquzeli kanye nesishabasheki. Kule ndima, wethula izinkulumo anethemba lokuthi zizofundisa futhi zikhuthaze izingane ezinjengaye.



Enkulunyweni yokuqala kaStacey, wakhuthaza abafundi abangamakhulu beBanga lokugcina lasesikoleni.

“Noma umncane noma umdala kangakanani ungafezekisa isifiso sakho!” kusho yena.





Funda 1

Sithini isihloko sencwadi yokuqala kaStacey?

Isihloko sencwadi yakhe sasithi *Amakati Anukayo*.

Wayemdala kangakanani uStacey ngesikhathi ebhala incwadi yakhe yokuqala?

Wayeneminyaka eyisikhombisa.

Kungani abazali bakaStacey babengabaza?

- Kunjengoba babebona ukuthi uStacey wayemncane kakhulu ukuthi angabhala incwadi.
- Kunjengoba babengazi ukuthi incwadi yakhe ingashicilelwa yini.
- Mhlawumbe babengazi uma incwadi yakhe yayilungele ukushicilelwa.



Funda 2

Babemizwa kanjani abazali bakaStacey ngesikhathi efuna okokuqala ukuba kushicilelwe incwadi yakhe?

- Babemizwa benokungabaza
- Babengabaza, bebona ukuthi mncane kakhulu ukushicilela incwadi.
- Babengazi ukuthi kwakukhona yini owayengase ayishicilele incwadi yakhe.

Kungani abazali bakaStacey babeziqhenya ngaye?

- Kunjengoba wazuza umklomelo
- Kunjengoba washicilela incwadi
- Kunjengoba wayenokuzethemba

Kungani uStacey atshela abafundi beBanga lokugcina ukuthi, “Noma umncane noma umkhulu kangakanani ungafezekisa isifiso sakho?”

- Kunjengoba wayefuna ukubakhuthaza ukuba bafezekise izifiso zabo.
- Kunjengoba wayethula izinkulamo zokufundisa nokukhuthaza ezinye izingane ezinjengaye.
- Kunjengoba wayemncane kakhulu futhi wasifezekisa isifiso sakhe.
- Iqiniso lokuthi uStacey washicilela incwadi eneminyaka eyisikhombisa yisiqiniseko sokuthi awumncane kakhulu ukuba ufezekise isifiso sakho. UStacey ufuna ukuthi zonke izingane zikwazi lokho!

INDABA 4

ABABHALI BOKUQALA BOMHLABA

Indikimba: Singababhali



Imininingwane Yangaphambilini

- Lena indaba esaqiniso.
- Yenzeka endaweni esibizwa nge-Iraq manje.
- Yenzeka kudala.
- Le ndaba izosiza abafundi bakho baqonde ukuthi ukubhala kuwumsebenzi obalulekile osungulwe ngabantu, nokuthi ababhali basiza ngokuqophela imibono, izindaba, kanye nokwabelana ngolwazi nabanye.



Isu lokuqondisisa: Qapha Ukuqonda

- Kuyini: Ukuhlola ukuthi uyakuqonda yini okufundayo, bese uyama uma kukhona okungacaci.
- Kungani sikusebenzisa: Ukuqaphela uma ungakuqondi kahle, bese ulungisa lokho ngokushesha.
- Kusiza kanjani: Kugcina umfundi ebambe iqhaza futhi kuthuthukisa ukuqondisisa ngokulungisa okungaqondakali ngesikhathi sokufunda.



Amanye amaphuzu okwabelana nabafundi bakho

- Ngempela, yini ukubhala? Kuyindlela yokugcina imibono kusetshenziswa izinhlamvu noma izimpawu. Sisebenzisa umbhalo ukuxoxa izindaba, ukuthumela imilayezo kanye nokukhumbula ulwazi. Imibhalo iwuhlobo lobuchwepheshe (isikhali abantu abazenzele sona ukuze sibasize).
- Le ndaba yenzeka eminyakeni engaphezu kwezi-5000 eyedlule, okuyisikhathi eside kakhulu - esingakubiza ngokuthi 'kusemandulo'. Emandulo, abantu babengenazo izincwadi, amakhompyutha, ngisho nephepha ngalesiya sikhathi. Izinhlamvu zokufunda nokubhala zazingakasungulwa ngalesiya sikhathi! Yingakho abantu babebhala emathablethini obumba besebenzisa izithombe nezimpawu.
- Ukubhala kwasemandulo kwakusebenzisa izithombe ukumela izinto ezithile. Ngokuhamba kwesikhathi, izithombe zaphenduka izimpawu. Izinhlamvu zethu zokufunda nokubhala namuhla zakhula kusukela ezinhlelweni zokubhala
- Ngesikhathi abantu beqala ukuhlala ndawonye emadolobheni, babedinga indlela yokulandelela nokukhumbula izinto. Yilapho ukubhala kwasungulwa khona. Ukubhala kwabasiza ukukhumbula nokwabelana ngolwazi.



Ukuze usebenzise leli su:

Ikhasi nesigaba	Funda	Ithi
167, 1	Ngemva kwalokho, isibhebhe sobumba sizokoma elangeni. Uma sesiqinile, izibhebhe zazigcinwa njengamaqophelo ayezofundwa ezinsukwini, amasontweni noma eminyakeni ezayo.	Ake ngime ngicabange. Babhala obumbeni, bese beyalomisa ukuze balugcine isikhathi eside. Ake ngihlole ukuthi ngiyaqonda yini: Babhala obumbeni olumanzi. Baluneka elangeni ukuze lome ukuze balugcine njengombhalo. Kubonakala kuxakile kunokusebenzisa ipeni nephepha, Ngiyazibuza kungani babengasebenzisi iphepha esikhundleni salokhu.
169, 2	Ngakho, isithombe sohlanga lwebhali senziwa saba uphawu lwebhali okulula ukuludweba. Lolu phawu lwaziwa ngokuvamile njengolusho ibhali, nakuba lwalungabonakali lunjengomdwebo wohlanga lwebhali.	Ake ngime ngicabange, Ngesikhathi beqala ukubhala, badweba izithombe. Kodwa ngokuhamba kwesikhathi, umdwebo waya ngokubalula kunakuqala washesha ukudwebeka, Ngiyazibuza kungani. Ake ngihlole ukuthi ngiyaqonda: Ngokuhamba kwesikhathi, izithombe ezinemininingwane zaguquka zaba lula - zabukeka zingasafani nalokhu ezikumele.

Abantu basungule izindlela eziningi ezahlukene zobuchwepheshe. Sisungule izimoto, amakhompyutha kanye nomakhalekhukhwini. Sisungule imisakazo, amarobhothi kanye neziqandisi. Kodwa obunye bobuchwepheshe bomuntu obuvelele kakhulu yinto ekubonakala ilula kakhulu: ukubhala.



Abantu baqala ukubhala eminyakeni eyizi-5,000 eyadlula. Enye yezindawo okwasungulwa kuyo ukubhala ibizwa ngokuthi iSumer. ISumer ise-Iraq yanamuhla. ISumer kwakuyindawo yokuqala emhlabeni lapho abantu baqala khona ukuhlala emadolobheni amakhulu. Ukuba nabantu abaningi kangaka endaweni eyodwa kwashintsha indlela abantu ababephila ngayo.



Abantu baseSumer bakha amathempeli amakhulu phakathi kwezindonga zedolobha ukuze bathandazele izithixo zabo. Kodwa, amathempeli ayengasetshenziselwa ukukhulekela kuphela. Amathempeli ayephinde abe yizindlu ezinkulu zokugcina izinto ezahlukahlukeni. Ababhali bamathempeli kwakufanele basungule uhlelo abazolandelela ngayo okwakugcinwe emathempelini – ukuze bengakukhohlwa. Yileyo ndlela okwasungulwa ngayo ukubhala kokuqala.




Awucabange nje ekupheleni kwenkathi yokuvuna, abakhonzi befuna ukugcina iziqoma eziyi-10 zebhali egunjini lokugcina lethempeli. Umbhali wayedweba isithombe esincane sohlanga lwebhali, bese enza izimpawu zokubala eziyi-10 esibhebheni sobumba.



Ngemva kwalokho, isibhebhe sobumba sizokoma elangeni. Uma sesiqinile, izibhebhe zazigcinwa njengamaqophelo ayezofundwa ezinsukwini, amasontweni noma eminyakeni ezayo.




Indlela yokuqala yokubhala yayehlukile kuneyethu yezinhlamvu. Yayenziwe ngezithombe ezincane ezikhombisa izinto ezahlukahlukene.



Nokho, ngokuhamba kwesikhathi, lapho izinto eziningi zazilethwa ethempeleni, izithombe zathuthukiswa zaba izimpawu. Njengoba izimpahla eziningi ezahlukene zazigcinwa emathempelini asedolobheni, ababhali kwadingeka ukuthi babhale masinyane. Babengenaso isikhathi esiningi sokudweba imidwebo ngokucophelela, izithombe ezinemininingwane yezinhlanga zebhali, kanye nezinye izimpahla.

Ngakho, isithombe sohlanga lwebhali senziwa saba uphawu lwebhali okulula ukuludweba. Lolu phawu lwaziwa ngokuvamile njengolusho ibhali, nakuba lwalungabonakali lunjengomdwebo wohlanga lwebhali.



Abakhonzi nababhali kwakufanele bakwazi ukuqonda lokho okugcinwe emathempelini abo, kanye nokuthi yizimpahla ezinjani abanazo uma sezihlangene. Ngakho ababhali abavela emathempelini ahlukahlukene kuyo yonke iSumer kwadingeka ukuthi bahlangane bezonquma ngezimpawu ezifanayo abangazisebenzisa bonke. Le ndlela yokubhala isibizwa ngokuthi i-cuneiform.



Le ndlela efanayo yenzeka ezindaweni eziningi eziphucuzekile emhlabeni wonke – eGibithe, ePeru, naseShayina. Indlela yethu yokubhala yesimanje isekelwe ezindleleni ezahlukene zokubhala kwasendulo.



Ngokusungulwa kokubhala, abantu babekwazi ukubhala imibono nezindaba. Singakha amabhizinisi kanye nomcebo. Singathumela imilayezo ezindaweni ezikude. Ukusungulwa kokubhala kwakushintsha phakade okungenziwa abantu.





Funda 1

Kwasungulwa kuphi ukubhala kokuqala?

ESumer, e-Iraq yanamuhla.

Babebhala kuphi abantu baseSumer?

Babebhala obumbeni

Kungani kwasungulwa ukubhala kokuqala?

- Ngoba izimpahla zazigcinwa emathempelini, kanti abantu ababehlala lapho babefuna indlela ababengakhumbula ngayo lokhu okwakugciniwe.
- Ngoba ababhali nabakhonzi bebefuna ukwazi ukuthi zingakhi izimpahla ababenazo sezizonke.



Funda 2

Kwasungulwa esikhathini eside kangakanani esedlule ukubhala?

Ukubhala kwasungulwa eminyakeni eyizi-5,000 eyedlule.

Ukubhala kwasungulwa kuphi eminyakeni eyizi-5,000 eyedlule?

Kwasungulwa emathempelini.

Kungani ukubhala kwashintsha ekuhambeni kwesikhathi?

- Ngoba izithombe zazithatha isikhathi eside ukuthi zidwetshwe kanti ababhali babedinga ukubhala masinyane.
- Ukubhala kwashintsha njengoba kwakufika izimpahla eziningi emathempelini. Ababhali kwakufanele babhale masinyane kakhulu.
- Ababhali abavela emathempelini ahlukene kwakufanele bafunde imibhalo yomunye, base behlala bonke beklama izimpawu abangazisebenzisa bonke!



INDABA 5

UKHUMO UTHOLA UMNGANE OMUSHA

Indikimba: Sinozwelo



Imininingwane Yangaphambilini

- Lena indaba yokuziqambela.
- Yenzeka eNingizimu Afrika.
- Yenzeka esikhathini samanje.
- Le ndaba izosiza abafundi bakho baqonde ukuthi uzwelo lusho ukukhathalela ukuthi abanye abantu bazizwa kanjani nokubafaka uma sidlala.



Isu lokuqondisisa: Yenza Ukuxhumanisa

- Kuyini: Ukucabanga ukuthi indaba ihlobene kanjani nempilo yakho, nezinye izincwadi, noma umhlaba jikelele.
- Kungani sikusebenzisa: Ukuze uqonde indaba kangcono ngokuyixhumanisa nezinto osuvele uzazi.
- Kusiza kanjani: Kwenza indaba ibe nencazelo ebanzi futhi kube lula ukuyikhumbula.



Amanye amaphuzu okwabelana nabafundi bakho

- Igama elithi uzwelo lisho ukuqaphela uma omunye umuntu ezizwa enomzwangedwa, edangele, noma ebandlululekile. Kusho ukukhathalela imizwa yabo nokukhetha ukubasiza noma ukuhlanganyela nabo.
- Singathatha izinqumo ezibonisa umusa uma sicabanga ukuthi singazizwa kanjani esimweni somunye umuntu (ngokuzifaka ezicathulweni zakhe). Ukukhumbula izikhathi lapho sizizwa sinomzwangedwa noma sesaba kungasisiza ukuthi sibe nozwelo.
- Abangane bavame ukuhlala ndawonye ngesikhathi sesidlo sasemini badlale ndawonye. Abafundi abasha noma abanamahloni bangazizwa besaba ukucela ukuhlanganyela nabanye, ikakhulukazi uma abanye sebenabanye abangane. Ukumbandakanya omunye, ngokummema ukuzohlala noma ukudlala, kungenza umehluko omkhulu.
- Akekho ongasiphoqelesa ukuba sibe nomusa, umusa siyazikhethela.



Ukuze usebenzise leli su:

Ikhasi nesigaba	Funda	Ithi
182, 1	Kodwa ngenkathi uKhumo elale embhedeni ngalobo busuku, wacabanga ngesikhathi eqala ukungena isikole, ngaphambi kokwazi uBonga noBantu. Wacabanga ngalawo masonto ambalwa, lapho ayehlala khona yedwa ngesikhathi sekhefu, ethemba ukuthi ukhona ongafuna ukuhlala naye. “Mhlawumbe angiphoqelekile, “uKhumo ecabanga, “kodwa ngiyakufuna.”	UKhumo ucabanga ngokuthi wayenomzwangedwa kangakanani ngesikhathi engenabangani ayehlala nabo ngesikhathi sekhefu. Lokho kumsiza ukuzeyamanisa noThomas. Uyabona ukuthi uThomas naye unomzwangedwa, njengoba uKhumo ayezizwa. Uyazi ukuthi kudabukisa kanjani ukuzizwa kanjalo. Ngicabanga yikho okusiza uKhumo azinqumele ukuba nomusa.
184, 3	“Yebo, wena. Uyafuna yini ukuzohlala nathi?” uKhumo waphendula. UThomas wamamatheka. “Kulungile,” kusho yena.	Ngingaxhumanisa. Ngesinye isikhathi, nganikela ngesihlalo sami kowesifazane okhulile owayemile ebhasini. Ngangisifuna isihlalo sami ngoba sasihamba ibanga elide, kodwa ngangazi wayesidinga kakhulu ukudlula mina. Wabukeka ejabulile ngenkathi ngimnika isihlalo sami. Ngezwa ngiziqhenya ngokukhetha ukuba nomusa futhi ngenze omunye azizwe ejabulile. Ngiyacabanga noKhumo uzizwa eziqhenya futhi.

UKhumo wayenza yonke into noBonga kanye noBantu. Babehlala behlezi ngaphansi kwesihlahla esisodwa njalo uma bedla ngesikhathi sekhefu. Babekhahlela ibhola njalo endaweni efanayo enkundleni yokudlala.



Ngelinye ilanga ngenkathi kukhala insimbi yesikhathi sekhefu, uMnu. Ngoma wathi kuKhumo makasale ekilasini. UKhumo wabuka uBonga noBantu. Nabo bambuka. ‘Ngizonithola ngaphandle,’ kwasho uKhumo.



‘Khumo ngikubizele ukuthi sikhulume ngomunye wabafundi okanye nabo lapha ekilasini,’ kusho uMnu. Ngoma. ‘Ngiqaphele ukuthi uThomas unamahloni kakhulu. Ngimbona ehlala yedwa njalo ngesikhathi sekhefu. Ngethemba ukuthi ningamthatha nidlale naye wena nabangane bakho.’

UKhumo wayengazi ukuthi angathini. Wayefuna ukutshela uMnu. Ngoma ukuthi uThomas ungumuntu othulile futhi ongajwayelekile, kanti nabangane bakhe babengathandi ukudlala noThomas. Kodwa uKhumo akashongo lutho.



Ngenkathi uKhumo ephumela ngaphandle, uBonga kanye noBantu base behlezi endaweni yabo ejwayelekile. ‘Ingabe usenkingeni?’ kubuza uBantu.

‘Cha - uMnu. Ngoma uthole ipensela lami phansi,’ kwasho uKhumo eqamba amanga. Wayengathandi ukubatshela ngalokhu okushiwo uMnu. Ngoma okwamanje. Aze akucabangisise kahle okungenani.



Ngalobo busuku uKhumo wakhononda kunina.
'Ahi! uMnu. Ngoma ungicele ukuthi ngibe umngani
nomunye umfana ongajwayelekile, uThomas,'
kukhalaza uKhumo. 'Akanabo abangane kanti
akakhulumi namuntu. Angazi ukuthi kungani ecele
mina ukuthi ngidlale naye?'

Umama kaKhumo wambuka ecabanga. 'Kodwa
awuphoqelekile. UMnu. Ngoma ukucelile nje kuphela.
Akukho uMnu. Ngoma angakwenza uma wena
ungafuni,' kwasho unina ngokuzimisela.

Lokhu kwenza uKhumo azizwe kangcono.
'Angiphoqelekile ukudlala naleya ngane
engajwayelekile,' kwasho uKhumo ecabanga..



Kodwa ngenkathi uKhumo eselele embhedeni wakhe ebusuku, wacabanga ngenkathi efika okokuqala esikoleni, ngaphambi kokuthi azane noBonga noBantu. Wacabanga ngalawo masonto ambalwa, ngenkathi ehlezi yedwa ngesikhathi sekhefu, enethemba lokuthi kube khona ofuna ukuhlala naye. 'Mhlawumbe akukho sidingo,' kucabanga uKhumo, 'kodwa ngiyafuna.'



Ngosuku olulandelayo, uKhumo wahlala noBantu kanye noBonga. Wabuka uThomas ehlezi yedwa. ‘Ngicabanga ukuthi sibuze uThomas ukuthi akafuni yini ukuhlala nathi,’ kusho uKhumo.

‘UThomas? Kungani ufuna ukuba naye?’ kubuza uBantu ehleka.

‘Yebo, akabukeki njengomuntu ohlekisayo!’ kusho uBonga.

‘Ngicabanga ukuthi ubukeka ekahle,’ kwasho uKhumo. ‘Kanti futhi ngiyamzwela. Akekho lapha kithi ongathanda ukuhlala yedwa ngesikhathi sekhefu. Phezu kwalokho uma sinomngane wesine, singakwazi ukudala singamaqembu.’

‘Kulungile-ke,’ kuvuma uBonga noBantu.



UKhumo waya kuThomas. ‘Hey! Ungathanda yini ukuhlala nathi?’

UThomas wabuka ejeqeza. ‘Usho Mina?’ ebuza.

“Yebo, wena. Uyafuna yini ukuzohlala nathi?” uKhumo waphendula.

UThomas wamamatheka. “Kulungile,” kusho yena.



Emuva kokuba sebedlile, abafana basebenzise
amatshe ukwenza amagoli. Badlala ngababili. ‘Leli
kwaba ibhola elimnandi esake salidlala!’ kwasho
uBantu. ‘Uze uzodlala nathi futhi kusasa!’ kwasho
uBonga kuThomas.



‘Ngiyaziqhenya ngawe Khumo,’ kwasho uMnu. Ngoma, ekupheleni kosuku. Ngenkathi uKhumo ephuma ngomnyango, wazizwa eziqhenya naye.





Funda 1

Ubani uthisha kaKhumo?

Uthisha wakhe uMnu. Ngoma.

Yini lena uMnu. Ngoma acela uKhumo ayenze?

Wacela uKhumo ukuthi adlale noThomas ngesikhathi sekhefu.

Wayejwayele ukuhlala nobani uThomas ngesikhathi sekhefu?

Wayejwayele ukuhlala yedwa.

Kungani uMnu. Ngoma ayeziqhenya ngoKhumo?

- Ngoba uKhumo wanquma ukucela uThomas ahlale naye nabangane bakhe.
- Ngoba uKhumo wayenomusa. Wayengaphoqelekile ukuthi abe nomusa!
- Ngoba uKhumo wavuma ukudlala noThomas.
- Ngoba uKhumo wenza lokhu ayekucelwe uMnu. Ngoma.



Funda 2

Kwamthatha isikhathi esingakanani uKhumo ukuthi anqume ukuvumela uThomas adlale nabo?

Kwamthatha ubusuku obubodwa.

Wazizwa kanjani uThomas ngenkathi uKhumo emcela ukuthi azodlala nabo okokuqala?

Wayemangele/wayejabulile

Ekuqaleni uKhumo wayengafuni ukuvumela uThomas ukuthi adlale nabo.

Ungenza ukuxhumanisa? Wake wangavuma ukudlala nomunye umuntu?

Kwakungani?

Impendulo yomfundi.

Kungani uKhumo athathe isinqumo sokuvumela uThomas ukuthi adlale nabo.

- Ngoba wayecabanga ngokuthi kunjani ukuhlala wedwa ngesikhathi sekhefu.
- Ngoba waqaphela ngenkathi kwakufanele ahlale yedwa, wayefisa sengathi kungaba khona umuntu owayefuna ukuhlala naye.
- Ngoba waqaphela ukuthi kwakukhombisa umusa nozwelo ukukwenza.



INDABA 6

ISEMISHI

ELENGEZIWE

Indikimba: Sinozwelo



Imininingwane Yangaphambilini

- Lena indaba yokuziqambela.
- Yenzeka eNingizimu Afrika.
- Yenzeka esikhathini samanje.
- Le ndaba izosiza abafundi bakho ukuqonda ukuthi uzwelo lungasho ukusiza abanye abanezidingo, ngisho kwesinye isikhathi kudinga ukuzinikela.



Isu lokuqondisisa: Hlolisisa

- Kuyini: Ukunquma ukuthi uyayithanda yini indaba noma izinqumo ezenziwe ngabalingiswa.
- Kungani sikusebenzisa: Ukwakha imibono ngokwakho bese uqonde indaba ngokujulile.
- Kusiza kanjani: Kukusiza ukuthi ucabange ngomyalezo wendaba nalokho okholelwa kukho mayelana nayo.



Amanye amaphuzu okwabelana nabafundi bakho

- Uzwelo lusho ukuqaphela lapho omunye umuntu esenkingeni noma ebhekene nobunzima noma edinga usizo. Lisho ukukhathalela ukuthi bazizwa kanjani nokukhetha ukusiza, noma kungelula.
- Abangane bayasekelana ezikhathini zobunzima. Izenzo ezincane zomusa, njengokwabelana ngokudla, zingenza umehluko omkhulu. Ukusiza abanye kungasenza sizizwe sijabule futhi sinokuziqhenya.
- Isethembiso ilapho uthi uzokwenza okuthile bese uma emagameni akho. UMokgadi wathembisa ukungatsheli muntu ukuthi uMatuma wayengenakho ukudla kwasemini. Noma ngabe bekuzoba lula ukuchazela unina yonke into, wakhetha ukuhlonipha izifiso zomnganewakhe futhi wagcina isethembiso sakhe.
- Uzwelo aluhlali lulula. Kwesinye isikhathi ukuba nomusa kusho ukudela okuthile esikufunayo. Kungadingeka sabelane, silinde, noma sihlale singenakho esikufunayo.



Ukuze usebenzise leli su:

Ikhasi nesigaba	Funda	Ithi
191, 4	UMatuma wahlephula isemishi lakhe kabili wabe esenika uNtsako enye ingxenye. “Angeke - ngiyakuthembisa,” washo uMatume.	Uma sibonisa umusa, sizifaka ezinyathelweni zomunye umuntu. Sibaphatha ngale ndlela esethemba ukuphathwa ngayo. Ngingasho ukuthi uMatuma ungumuntu onomusa, ngoba uzinqumela ukwabelana nomngane wakhe ukudla ngokwakhe - akadingi nokucelwa.
194, 2	“Isemishi elengeziwe futhi?” unina wabuza ngokumangala. “Eh... Nginemidlalo namuhla ngalokho ngizodinga ukudla okwengeziwe,” waqamba amanga.	UMatuma uqamba amanga amancane ukuze agcine isethembiso kumngane wakhe. Ngiphetha ngokuthi uzama ukuba umngane omuhle. Lokhu kungubufakazi obengeziwe ukuthi uMatuma unomusa futhi unozwelo - wenze izaba zokuthola isemishi elengeziwe, ukuze angasephuli isethembiso kumngane wakhe.

Ngomunye uMsombuluko, uMatuma wakhipha isemishi lakhe esikhwameni sakhe. Kwakuyisemishi alithanda kakhulu elenkukhu nemayonasi. Waluma kanye ngaphambi kokuthi aqaphele ukuthi uNtsako wayengadli.

‘Kuphi ukudla kwakho kwasemini?’ uMatuma ebuza uNtsako.

‘Anginakho ukudla namhlanje,’ kusho uNtsako. Umama wami uthole ingozi manje usesibhedlela. Asinaso isinkwa ekhaya. Kodwa ungatsheli muntu.’

UMatuma wahlephula isemishi lakhe kabili wayesenikeza uNtsako uhhafu walo.

‘Angeke - ngiyakuthembisa,’ esho uMatuma.



NgoLwesibili ekuseni, uMatuma wangena ekhishini.

‘Mama, ungangenzele amasemishi amabili esidlo sasemini namuhla?’ wacela ngomusa.

‘Amabili? Kungani ufuna amabili?’ kubuza unina.

‘Eh... Ngilambe kakhulu namhlanje!’ esho uMatuma ngokuqiniseka.

‘Mhlawumbe uyakhula?’ kucabanga umama kaMatuma, njengoba efaka isemishi lesibili esikhwameni sokudla kwasemini.



Ngesikhathi sekhefu, uMatuma wakhipha amasemishi amabili wayesenika uNtsako elilodwa.

‘Elami?’ kusho uNtsako, ebonakala emangele.

‘Ngizokuphathela ukudla kwasemini kuze kubuye umama wakho ekhaya,’ kusho uMatuma, ‘ungakhathazeki.’



NgoLwesithathu ngaphambi kokuya esikoleni, uMatuma wanyonyobela ekhishini ekuseni kakhulu eyokwenzela uNtsako isemishi. Wayengafuni ukuthi unina ambuze ngelinye isemishi futhi. Kodwa umama wakhe wangena esagcoba ibhotela lamantongomane esinkweni.

‘Isemishi elengeziwe futhi?’ kubuza unina ngokumangala.

‘Eh... Namuhla kunemidlalo ngakho ngidinga ukudla okwengeziwe,’ esho uMatuma eqamba amanga.



Ngesikhathi sekhefu, uMatuma wakhapha amasemishi amabili esikhwameni sakhe - isemishi likapholoni kanye noshizi ayekade elenzelwe umama wakhe, kanye nesemishi lebhotela lamantongomane elenziwe nguye.

‘Ufuna liphi?’ ebuza umngane wakhe.

‘Ngingathatha elikapholoni kanye noshizi?’ kusho uNtsako.

‘Kulungile!’ kuphendula uMatuma ngomoya omuhle, noma naye wayefuna isemishi elinopholoni kanye noshizi.



NgoLwesine ekuseni, uMatuma wathatha isikhathi eside ngamabomu ukugeza nokugqoka ukuze angabi nesikhathi sokudla isidlo sasekuseni.

‘Matuma! Usushiye isikhathi!’ kumemeza unina.

‘Ngiyaxolisa mama,’ ephendula. ‘Ngicela ungenzele isemishi lesidlo sasekuseni!’

Ngenkathi eya esikoleni, wafaka isemishi lakhe elengeziwe esikhwameni sokudla kwakhe kwasemini. Wacabanga ukuthi uzokwazi ukuhlala usuku olulodwa ngaphandle kokudla isidlo sasekuseni.



Ngesikhathi sekhefu lasemini, isisu sikaMatuma sasenza umsindo, kodwa wajabulela ukunikeza umngane wakhe isemishi elengeziwe.



Ngalokho kuhlwa, ngenkathi uMatuma edlala ngaphandle ngaphambi kwesidlo sakusihlwa, unina wathola ucingo.

‘Lona umama kaNtsako,’ kusho izwi ocingweni.

‘UNtsako ungitshele ukuthi ubumenzela ukudla kwasemini isonto lonke ngesikhathi ngisesibhedlela. Ngiyabonga ngokunginakekelela yena,’ esho.

Umama kaMatuma wamamatheka. Ekugcineni wayeseqonda ngamasemishi amabili.



Umama kaMatuma wambiza. ‘Matuma, ngidinga ukukhuluma nawe. Woza sizohlala phansi,’ kusho unina.

‘Hhayi bo, uzongithethisa ngokudla amasemishi amaningi!’ ecabanga uMatuma.

‘Sengiyazi ukuthi kungani bewucela ukudla kwasemini okwengeziwe,’ kumoyizela unina, ‘kodwa kungani ungazange umane ungitshele?’


‘Bengithembise uNtsako ukuthi angizutshela muntu ukuthi abanakho ukudla ekhaya,’ kusho uMatuma.

‘Wenze into elungile, Matuma. Ngiyaziqhenya ngawe!’



Ngosuku olulandelayo ngesikhathi sekhefu lasemini, uNtsako wakhipha iswidi esikhwameni sakhe sokudla kwasemini.

‘Lokhu okwakho, kuvela kimi nomama wami,’ kusho uNtsako.



Ngenkathi uMatuma emunca iswidi lakhe,
wayecabanga ngendlela azizwa ename ngayo
ngokuthi wayesize umngane.





Funda 1

Ngelinjani isemishi ayelithanda kakhulu uMatuma?

Isemishi ayelithanda kakhulu Matuma elenkukhu kanye nemayonasi.

UMatuma wayeliphathele ubani isemishi elengeziwe?

Wayephathele uNtsako umngane wakhe isemishi elengeziwe.

Kungani uMatuma engazange atshele umama wakhe ukuthi isemishi elengeziwe ngelikaNtsako.

- Ngoba wayethembise umngane wakhe ukuthi angeke atshele muntu.
- Ngoba wayengafuni ukwephula isithembiso sakhe asenze kuNtsako.
- Ngoba wayefuna ukuba ngumngane olungile.
- Ngoba ungumngane onobubele/onomusa/ocabangelanayo



Funda 2

Yini uMatuma okwakufanele angayitsheli muntu?

Kwakufanele angatsheli muntu ukuthi uNtsako wayengenakho ukudla ekhaya.

Chaza ngesikhathi owakhombisa ngaso ububele kumngane, njengoMatuma.

Ngakhombisa ububele kumngane ngenkathi...

UMatuma wabubonisa kanjani ububele kumngane wakhe?

- Wayemphathela ukudla zonke izinsuku ngenkathi unina egula esesibhedlela.
- Wagcina imfihlo yomngane wakhe.
- Wenza izaba ukuze athole ukudla okwengeziwe, khona ezogcina imfihlo yomngane wakhe.
- Wanikeza umngane wakhe isemishi ayelifuna naye.
- Wadela isidlo sakhe sasekuseni ukuze umngane wakhe ezoba nokudla ngesikhathi sekhefu.

INDABA 7

UMSHINI WOMOYA

OMANGALISAYO

KAWILLIAM

Indikimba: Singonjiniyela



Imininingwane Yangaphambilini

- Lena indaba esaqiniso.
- Yenzeka eMalawi.
- Yenzeka esikhathini esisanda kwedlula.
- Le ndaba izosiza abafundi bakho baqonde ukuthi onjiniyela bangabusebenzisa kanjani ubuciko, izinto, nokuxazulula izinkinga ukwenza impilo yabantu ibengcono nokuxazulula izinkinga zangempela zempilo.



Isu lokuqondisisa: Hlolisisa

- Kuyini: Ukunquma ukuthi uyayithanda yini indaba noma izinqumo ezenziwe ngabalingiswa.
- Kungani sikusebenzisa: Ukwakha imibono ngokokwakho bese uqonde indaba ngokujulile.
- Kusiza kanjani: Kukusiza ukuthi ucabange ngomyalezo wendaba nalokho okholelwa kukho mayelana nayo.



Amanye amaphuzu okwabelana nabafundi bakho

- Onjiniyela babheka izinkinga emhlabeni obazungezile bese becabanga ngezindlela zobuciko abangazixazulula ngazo. Benza icebo bese bakhe izinto ezisiza abantu.
- Onjiniyela abasebenzisi izinto ezintsha noma ezibizayo ngaso sonke isikhathi. Ngesinye isikhathi bashintsha izinto ezindala noma esezilahliwe zibe zintsha futhi zibe usizo. Lolu hlobo lobuciko luyingxenye yobunjiniyela!
- Umshini womoya uyajikajika uma umoya uvunguza. Lokhu kujikajika kungasetshenziswa ukuphehla ugesi noma ukumpompa amanzi ngaphansi emhlabathini. ENingizimu Afrika, imishini yomoya ivame ukusetshenziswa emapulazini ukumpompa amanzi.
- Ukuzama imibono emisha kudinga isibindi nokuzimisela. Uma abantu bezama izinto ezintsha, abanye bangahleka noma bangakholwa ukuthi izosebenza. Onjiniyela kufanele baqhubeke bazame ngisho izinto zinzima.
- Izinto ezinhle ezisunguliwe azisizi umuntu oyedwa kuphela. Zingathuthukisa impilo kubantu abaningi ngokuxazulula izinkinga ezifana nokungabikho kwamanzi nogesi.




Ukuze usebenzise leli su:

Ikhasi nesigaba	Funda	Ithi
208, 1	Uma engenzi lutho, uWilliam ubethanda ukuya emtatsheni wezincwadi ayofunda.	UWilliam ubengakwazi ukuya esikoleni, kodwa nokho eziyela emtatsheni wolwazi ukuyozifundela ngokwakhe. Ngingaphetha ngokuthi uWilliam wayezimisele ukufunda.
214, 2	UWilliam wasebenza ngokuzikhandla ukwakha umshini womoya phakathi neWimbe. Ngamandla omshini womoya wakhe wesibili wampompa amanzi emthonjeni ojulile. Lo mthombo wawusho ukuthi abalimi baseWimbe bebengeke besalinda imvula - besekuhlala kunamanzi ene izitshalo zabo!	UWilliam wayephokophele ukungazisizi yena nje kuphela kodwa nabanye. Ngingaphetha ngalokhu ngoba uWilliam wakhela wonke umuntu esigodini sakubo umshini womoya.

Le ndaba isekelwe endabeni eyenzeka ngempela kaWilliam Kamkwamba. UWilliam wasebenzisa ubuciko bakhe ukuze asize abanye abantu ngesikhathi esinzima kakhulu!



UWilliam wakhulela esigodini esincane saseMalawi esibizwa ngokuthi iWimbe. Ngenkathi uWilliam esemncane, wawungekho ugesi esigodini sakubo. Abantu basesigodini sikaWilliam babethembela emvuleni ukuze bachelele izitshalo zabo.



Ngenkathi uWilliam eneminyaka eyi-14, eMalawi kwaba nesomiso esibi kakhulu. Kwakungekho ukudla okwanele, kanti nabantu esigodini sakhe baqala balamba. Umndeni kaWilliam wawusele nokudla okwakuzokwanela isidlo esincane salobo busuku kuphela.

Kwaphoqeleka ukuthi uWilliam ayeke esikoleni ngenkathi abazali bakhe bengasakwazi ukukhokha imali yesikole.




ye namanzi esigodini
benzisa umshini
ngomoya.

Nokho, kwakungelula ukuthi uWilliam athole zonke izinto azozidinga ezisencwadini. Ngenkathi ezinye izingane ezilingana naye zisesikoleni, uWilliam wayefuna izinto lapho kulahlwa khona izinto ezingasasetshenziswa. UWilliam wathola izingxenye zikagandaganda ezindala, izicuzu zohlaka lwebhayisikili elidala, amaphayiphi epulasitiki kanye nezicucu ezindala zezinsimbi.



Ngezinsuku uWilliam ayefuna ngazo endaweni okulahlwa kuyo izinto ezingasetshenziswa, abantu babethi uphambene ekhanda. Babebukisa ngaye. Babemhleka. Kodwa uWilliam akazange awavumele amagama abo angenamusa ukuthi amvimbe, ngoba wayezimisele ukwakha umshini wakhe osebenza ngomoya.




Ekhaya, uWilliam wayesebenzisa imiyalelo evela encwadini yakhe kanye nazo zonke izinto azithola ukuze akhe umshini wakhe osebenza ngomoya omncane. Ngobunye ubusuku, wagcina esefake iphayiphi elincane lepulasitiki endaweni efanele futhi umshini osebenza ngomoya waqala ukujikeleza.




Umshini omusha owasungulwa uWilliam waphehla amandla kagesi anele ukukhanyisa izibani zikagesi ezine waphinde yadlalisa umsakazo ekhaya kubo! UWilliam wasebenzisa ugesi ukuthi afunde ebusuku ngenkathi kumnyama ngaphandle. Izibani ezazikhanya kubo zamenza wazizwa ekhululekile.





Kodwa uWilliam wayefuna ukwenza okungaphezu kokumane nje alethe ugesi kubo – uWilliam wayefuna ukuqiniseka ukuthi wonke umuntu esigodini sakubo unogesi namanzi ezitshalo zabo. UWilliam wasebenza ngokuzikhandla wakha umshini osebenza ngomoya maphakathi neWimbe. Ngamandla avela emshinini wakhe wesibili wayezompompa amanzi aphuma emthonjeni ojulile. Ngalo mthombo abalimi baseWimbe babengeke baphinde balinde imvula – bekuzohlala kunamanzi ezitshalo zabo!



Emuva kweminyaka embalwa, kwafika intatheli eWimbe eyabhala indaba ephephandabeni ngomshini osebenza ngomoya kaWilliam. Abantu abaningi kakhulu eMalawi nabasemhlabeni wonke baqala ukufunda ngombono kaWilliam omangalisayo.

UWilliam wakhuluma kwividiyo echaza lokhu akwenzile, ukuze abantu ezweni lonke bezosebenzisa umbono wakhe! Ekugcineni, izihambi zazihlabeke umxhwele ngobuciko bukaWilliam zaze zamkhokhela ukuthi aye esikoleni, kanye naseNyuvesi!



UWilliam usasebenza ngokuzikhandla ukwenza isiqiniseko sokuthi abantu bayafinyelela ekubeni nogesi kanye namanzi.





Funda 1

Yini eyenziwa umshini wokuqala kaWilliam osebenza ngomoya?

Wakhanyisa amalambu amane futhi wadlalisa umsakazo ekhaya lakubo.

Yini eyenziwa umshini wesibili kaWilliam osebenza ngomoya?

Wakhuphula emanzi emthonjeni ojulile waso sonke isigodi sakubo.

Kungani uWilliam wayefuna ukuxazulula inkinga kagesi emphakathini wakhe?

- Ngoba wayefuna ukufunda ebusuku.
- Ngoba wayefuna ukuqinisekisa ukuthi bonke abalimi bazoba namanzi ezitshalo zabo.
- Ngoba wayefuna ukusiza wonke umuntu emphakathini wakhe - hhayi yena kuphela.



Funda 2

Yiziphi izinkinga ahlangebuzane nazo uWilliam kule ndaba?

- Esigodini sabo babengenawo ugesi.
- Kwakukhona indlala esigodini sakhe
- Kwadingeka ukuthi ayeke isikole.
- Wayengatholi izinto ezifanele zokwakha umshini wakhe osebenza ngomoya.

Wagcina ephindela kanjani uWilliam esikoleni?

Izivakashi zamkhokhela imali yesikole emva kokufunda ngomshini wakhe osebenza ngomoya.

Yini eyenzeka endabeni ekusize ukuthi wenze ukucabangela ukuthi uWilliam uhlakaniphile futhi uyazimisela?

- UWilliam waqhubeka wafunda noma wayeseyekile esikoleni.
- UWilliam wabona isithombe somshini osebenza ngomoya wase enquma ukuwenza.
- UWilliam wafuna izinto zokwakha umshini osebenza ngomoya endaweni okulahlwa kuyo izinto ezingasasetshenziswa.
- UWilliam akayekanga ngomshini osebenza ngomoya owodwa omncane – wenza umshini osebenza ngomoya omkhulu ukuze asize wonke umuntu!



INDABA 8

IMBAWULA YELANGA

KAXOCHITL EFUDUMEZA

AMANZI

Indikimba: Singonjiniyela



Imininingwane Yangaphambilini

- Lena indaba esaqiniso.
- Yenzeka eMexico.
- Yenzeka esikhathini esisanda kwedlula.
- Le ndaba izonika abafundi bakho esinye isibonelo sokuthi onjiniyela bangabusebenzisa kanjani ubuciko, izinto nokuxazulula izinkinga ukuze benze impilo yabantu nemvelo ibe ngcono.



Isu lokuqondisisa: Yenza Ukuxhumanisa

- Kuyini: Ukucabanga ukuthi indaba ihlobene kanjani nempilo yakho, nezingye izincwadi, noma umhlaba jikelele.
- Kungani sikusebenzisa: Ukuze uqonde indaba kangcono ngokuyixhumanisa nezinto osuvele uzazi.
- Kusiza kanjani: Kwenza indaba ibe nencazelo ebanzi futhi kube lula ukuyikhumbula.



Amanye amaphuzu okwabelana nabafundi bakho

- Onjiniyela baqaphela izinkinga bese bezama ukuzixazulula. Khumbula endabeni edlule, uWilliam iwindill ukusiza ukuletha amanzi nogesi esigodini sakhe. Onjiniyela babheka izinkinga ezibahaqile bese becabanga ngezindlela zokusiza abantu.
- UWilliam wasebenzisa umoya ukuphehla amandla. Kule ndaba, uXochitl usebenzisa ilanga njengomthombo wamandla. Kokubili, umoya nokukhanya kwelanga kuyimithombo yamandla yemvelo futhi kungumthombo wamandla amahhala abantu abangawusebenzisa.
- Izinto ezisunguliwe zingenziwa ngezinto ezisebenzile noma ezilahliwe. Njengoba uWilliam asebenzisa izinto ezidala zensimbi ukwakha iwindmill yakhe, uXochitl wasebenzisa amabhodlela epulastiki amadala, amapayipi, kanye nezinkuni ukwenza imbawula yakhe. Onjiniyela ngesinye isikhathi basebenzisa izinto ezindala noma ezingakasebenzi ukwakha into entsha futhi ewusizo.
- Ngesinye isikhathi abantu bagawula izihlahla ukuze bathole izinkuni. Kwezinye izindawo, abantu babasa izinkuni ukuze bafudumeze amanzi noma bapheke ukudla. Uma kugawulwa izihlahla eziningi kakhulu, kungaba yingozi kungalimaza imvelo
- Abantu abasha bangawenza umehluko! Akudingeki ukuthi ubemdala ukuze uxazulule izinkinga. UWilliam wayengumuntu omusha kanti noXochitl wayeneminyaka eyisishiyagalombili kuphela. Bobabili basebenzisa ubuciko nokuzimisela ukusiza imiphakathi yakubo.



Ukuze usebenzise leli su:

Ikhasi nesigaba	Funda	Ithi
221, 1	Ngelinye ilanga elalishisa kakhulu ehamba evela esikoleni, uXochitl wabona ukuthi izihlahla ezivame ukumnika umthunzi azisekho. Kuyo yonke indlela, izihlahla zazigawuliwe. “Ziyephi zonke izihlahla?” ezibuza.	Ngiyakhumbula uWilliam waqaphela ukuthi abantu babexakekile ngokuthola amanzi ezitshalo ngasikhathi sesomiso. UXochitl uqaphela ukuthi izihlahla emphakathini wakubo zishabalele - futhi akusenamthunzi eduze kwendlela. Ngingaxhumanisa: bobabili uWilliam noXochitl baqaphela inkinga emphakathini wabo base benquma ukusiza ukuyixazulula.
223, 1	Emuva kwalokho, waqala waqoqa amapulasitiki kanye namabhodlela alahliwe, izingilazi zakudala, izicucu zamapayipi kanye namapulangwe amancane.	Bobabili uWilliam noXochitl basebenzisa okulahliwe ukwakha. Ngingaxhumanisa: bobabili babenobuciko futhi bacabanga ngezindlela ezintsha zokusebenzisa izinto ezindala.

Ngelinye ilanga elalishisa kakhulu ehamba evela esikoleni, uXochitl wabona ukuthi izihlahla ezivame ukumnika umthunzi azisekho. Kuyo yonke indlela, izihlahla zazigawuliwe. “Ziyephi zonke izihlahla?” ezibuza.



Ekuseni ngelanga elilandelayo, uXochitl wabuka uyise efaka izinkuni emlilweni ukufudumeza amanzi okugeza asekuseni.

“Baba, sigawula izihlahla eziningi kakhulu ukuze sifudumeze amanzi ethu okugeza!” kusho uXochitl. Ingabe ayikho yini enye indlela umphakathi wethu ongathola ngayo amanzi ashisayo?” ebuza.

“Xochitl, asinayo imali eyanele yokuthenga imbawula yamanzi yezinga eliphezulu - ngokunjalo nangomakhelwane bethu!” kuphendula uyise.

“Ngakho-ke sengenze isinqumo - ngizokwenza imbawula ukuze bonke abantu baseChiapas bezokwazi ukuba nayo,” esho ngokuzethemba.



Lapho uXochitl efika ekhaya esebuya esikoleni ngalelo langa, waqala iphrojekthi yakhe. Okokuqala, wenza ipulani. Emuva kwalokho, waqala waqoqa amapulasitiki kanye namabhodlela alahliwe, izingilazi zakudala, izicucu zamapayipi kanye namapulangwe amancane.




Emuva kwamasonto ambalwa, ekugcineni uXochitl wayesenezinto zokusebenza ezanele. Wasebenzisa izinto zokuhlanganisa amakhebula nepayipi kanye namabhodlela epulasitiki ukuze amanzi azohlala phakathi kwamabhodlela bese efudunyezwa yilanga. Ngakho, wayesependa yonke into yaba mnyama, ngoba wayazi ukuthi imibala emnyama ikwazi ukudonsa ilanga.




Ekugcineni, ubaba wakhe wamsiza ngokwakha ibhokisi lento ayeyiqalile. Ibhokisi lalinohlaka lwamapulangwe kanye namaphaneli engilazi ukudonsa ukushisa okuvela elangeni.

“Ngicabanga ukuthi ilanga lizokwenza amanzi ngaphakathi kwebhokisi ashise ngokwanele ukuthi singageza ngawo!” kuzicabangela uXochitl.



Ekuseni ngosuku olulandelayo ngaphambi kokuthi uXochitl aye esikoleni, wafaka amanzi phakathi kwembawula yamanzi yesola. Usuku lonke esikoleni, wayezibuza ukuthi ingabe lokhu akusungulile kuzosebenza yini.



Emuva kokuphuma kwesikole, wagijimela ekhaya eyobona ukuthi yini eyenzekile! Wavula imbawula enovalo, wayesebeka isandla ekugcineni kwepayipi. Amanzi ashisayo aphuma! Ayeshisa ngendlela yokuthi enza ukuba asuse isandla sakhe masinyane. “Ngikwenzile!” ecabanga, ebiza uyise ukuthi ezobona.



“Bheka Baba! Iyasebenza! Ngenze imbawula yamanzi engawusebenzisi umlilo futhi engabizi kakhulu. Kanti isebenzisa amandla amahhala ahlale ekhona: ilanga,” kumamatheka uXochitl. Wathatha isandla sikababa wakhe wasifaka emanzini ashisayo ayegeleza.


“Wawu!” kubabaza uyise. “Lokhu kuyamangalisa!”



Lapho uXochitl esebonile ukuthi into ayisungulile iyasebenza, wanquma ukwenza enkudlwana – ukuze bezoba namanzi ashisayo okugeza azokwanela umndeni wakubo wonke.

“Sizoyibeka kuphi?” kubuza uyise lapho enkudlwana isiphelile.

UXochitl wacabanga ngendawo eyayishisa kunazo zonke. “Ngicabanga ukuthi siyibeke phezu kophahla!” esho. “Ngaleyo ndlela amanzi azoshisa, bese engena endlini!” Kusukela ngalolo suku, umndeni kaXochitl waba namanzi ashisayo okugeza, okuhlanza kanye nokuwasha izitsha.



Omakhelwane babona isakhiwo ophahleni lomndeni wakuboXochitl. “Yini lena?” bebuza ngelukuluku.

“Lena imbawula yamanzi yesola!” kusho umama kaXochitl. “Yenziwe uXochitl ngezicucu ayezicosha. Kanti ifudumeza amanzi ngamandla amahhala nahlale ekhona: Ilanga!”

“Nami futhi, ngiyayifuna!” kusho umakhelwane oyedwa.

“Sengikhathele ukuyofuna izinkuni zokubasa!”



“Nathi siyayifuna, Xochitl bandla,” kucela omunye umndeni, “lokhu kuzogcina umoya endlini yethu uhlanzekile.”

NgoNdasa ka-2018, uXochitl waklonyeliswa ngendondo ebizwa ngokuthi “Recognition of the Institute of Nuclear Science for Women.” Lena indondo evame ukunikezwa abantu abadala. Kodwa iNyuvesi yaseMexico, eyamnikeza le ndondo, yabona ukuthi uXochitl wenza into emangazayo. Babefuna ukukhuthaza uXochitl ukuthi aqhubeke nokusungula izinto zesayensi futhi aqhubeke nokuxazulula izinkinga zabantu basemphakathini wabo.





Funda 1

Yini eyakhiwa uXochitl?

Wakha imbawula yamanzi yesola. Waqala ngokwakha encane emuva kwalokho wakha enkudlwana.

UXochitl wasebenzisa ziphi izinto ukwakha imbawula yamanzi yesola?

Wasebenzisa amabhodlela epulasitiki, izingilazi ezindala, izicucu zamapayipi alahliwe, amapulangwe amancane kanye nopende omnyama.

Ikuphi ukuxhumana ongakwenza phakathi kwezinto ezasetshenziswa uXochitl ukwakha imbawula yakhe, nezinto ezasetshenziswa uWilliam ukwakha umshini wakhe womoya?

Bobabili basebenzisa izinto ezindala - hhayi izinto ezintsha. Bobabili basebenzisa izinto zamahhala. Bobabili basebenzisa izinto ezilahliwe.



Funda 2

Iyiphi inkinga eyabonwa uXochitl?

- Wabona ukuthi abantu basemphakathini wakhe babegawula izihlahla ukuze bafudumeze amanzi.
- Wabona ukuthi abantu basemphakathini wakhe abakwazi ukuzithengela izimbawula zamanzi ezibizayo – babephokelekile ukusebenzisa izinkuni zokubasa ukuze bafudumeze amanzi.
- Wabona izihlahla emphakathini wakhe ukuthi zazishabalala ngoba abantu bebezigawula ukuze bafudumeze amanzi.

Wayixazulula kanjani inkinga uXochitl?

- Wenza isifudumezi samanzi ashisayo ngodoti kanye nopende omnyama.
- Wasebenzisa ikhono lakhe ukwakha imbawula yamanzi eshibhile.

Ikuphi ukuxhumana ongakwenza phakathi kukaXochitl noWilliam?

Ngingabaxhumanisa ngoba bobabili...



NHLRP

National
Home Language
Reading Programme

